



# SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 192 • JUNE 2016

## IsiFundazwe saKwaZulu-Natal sinethulela uNdunankulu omusha



IsiFundazwe sakwaZulu-Natal sesinoNdunankulu omusha uMhlonishwa uThembinkosi Willies Mchunu ofungiswe ngokusemthethweni ukuthatha lexisikhundla sokuhola isiFundazwe ngesonto eledlule. Umhlonishwa uWillies njengoba iningi limazi, inkakha esimnkantshubomvu kwezopoliki nakuHulumeni wesiFundazwe. **Bheka udaba ekhasini 3**



[www.kznonline.gov.za](http://www.kznonline.gov.za)



**“SIYISIFUNDAZWE ESIKHULAYO,  
ESITHUTHUKAYO FUTHI ESINAKELELAYO  
NESIPHOKOPHELE EKUFEZENI  
IZINHLOSO ZASO ZIKA 2030”**



MNU WILLIES MCHUNU  
UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATAL

# OKUNGAPHAKATHI



## ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL SINETHULELA UNDUNANKULU OMUSA

### IKHASI 3

IsiFundazwe sakwaZulu-Natal sesinoNdunankulu omusha uMhlonishwa uThembinkosi Willies Mchunu ofungiswe ngokusemthethweni ukuthatha lesikhundla sokuhola isiFundazwe ngesonto eledlule.

## KUHLANGANISWE INTSHA KUBHUNGWA NGAMASU OKUPHEPHA EMGWAQENI

### IKHASI 5

IsiFundazwe iKwaZulu-Natal sesibe yingxene yohlelo lukazwelonke lapho uMnyango wezokuThutha uxoxisana nentsha mayelana namasu angasiza kwezokuphepha emigwaqeni.

## ISEXWAYISO NGOSOMATHUBA NGENKATHI KUGCOTSHWA INKOYAKWABIYELA

### IKHASI 9

Amakhosi anxuswe ukuba alusukumele udaba losomathuba bezopolitiki abazama ukusebenzisa imizwa yabantu ukufeza izinhlosi zabo zokuzama ukuzibeka ezikhundleni eziphezulu kwezopolitiki.

## IMINYAKA EYI-16 YEMPUMELELO KOMASIPALA WEZINDAWO

### IKHASI 10

Eminyakeni eyishumi nesithupha edlule kwasungulwa ohulumeni bendawo kanti manje sigubha impumelelo yabo evelele.

## UNGQONGQOSHE UBONGA ABAPHONSE ITSHE ESIVIVANENI

### IKHASI 14

UMnyango Wezbuciko Namasko utuse iqhaza elibanjwe ngumasipala waseMzumbe, ogwini oluseningizimu yeKwaZulu-Natali ekuhlonipheni amasko ngokugubha iskhumbuzo sesivivane seSilo sakwaDukuza, uShaka kaSenzangakhona.

# MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelzo zaHulumeni wesiFundazwe.

Ishicilelwu kabi ngenyanga.

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwu esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana nehhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma thami.ngwenya@kznpremier.gov.za.

Ithimba elihlanganise iphephandaba:

**Umhleli omkhulu:** Adv. Simo Chamane


**Umhleli wezindaba:** Sibusiso Magwaza

**Umhleli wamakhasi:** Bonga Khoa

**Abezithombe:**

Zandile Shange

© KZN Provincial Government



# ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL SINETHULELA UNDUNANKULU OMUSHA UMHLONISHWA UTHEMBINKOSI WILLIES MCHUNU

Ngenkathi ngingena kwipolitiki kaHulumeni, ezintweni eziningi angazifica, yinye kuphela into engayifunda yagxila. ukuthi amahora angu 24 osuku yisikhathi eside kakhulu kwipolitiki”

## SIBUSISO MAGWAZA

siFundazwe sakwaZulu-Natal sesinoNdunankulu omusha uMhlonishwa uThembinkosi Willies Mchunu ofungiswe ngokusemthethweni ukuthatha Iesisikhundla sokuhola isiFundazwe ngesonto eledlule.

Umhlonishwa uWillies njengoba iningi limazi, inkakha esimnkantshubomvu kwezopoliki nakuHulumeni wesiFundazwe.

Ungomunye wabaholi asebeneskithathi eside besebenza kuHulumeni wesiFundazwe sakwaZulu-Natal. Uthatha Iesisikhundla nje usabambe njengoMphathiswa emnyangweni weZokuphepha koMphakathi kanye noZokuThutha asekuphathe isikhathi eside ngokukhulu ukucophelala. UMacingwane indoda eyaziwa kakhulu ngokuzifikela mathupha lapho kunezinkinga khona. Ivame ukubonakala kakhulu lapho kusuke kunezivimbamgwaqo ngezikhathi zamaholdi, emisa abuye ahlole izincwadi zabashayeli kanye nasemahostela lapho kusuke kunezinkinga khona.

Ngeke kube uwuqedile umlando wezombusazwe KwaZulu-Natal neNingizimu Afrika ungazange

uliphathe igama likamnumzane uWillies Mchunu. UMacingwane udabuke eMnambithi kodwa ikhaya lakhe lafudukela eThekwini lapho bafike bazinza eChersterville wafika wazimbandakanya nezindaba zomphakathi.

Akumangazanga ukuthi wagcina eseziwandakanye nemizabalazo yesinyunya nezombangazwe wangaleso sikhathi. Ugenye yezingqalabutho zenyunyana yabasebenzi iMetal and Allied Workers Union egcine isibizwa ngeNumsa. Kuloyo mzabalazo lapho uMacingwane ahangane khona nonkosikazi wakhe uDudu osanda kudlula emhlabeni. UMacingwane uke wazinza naseMpangeni ngezikhathi zabo 1980 ngenkathi eseyisishoshovu esiphezulu kwezemfundo kuyona iNumsa, kanti udlale indima ebalulekile ukwakhiwa kwezinhlaka zomshoshaphansi kaKhongolose. Wakhethwa njengoSihlalo wokuqala we ANC enhla nesifundazwe kanti wake wabalwa nalabo ababefunwa kakhulu ngabaphehlil bodlame. Kukaningi esinda izinswelaboya zizama ukumsoconga.

Ube ngomunye wonqgondonqgondo ekuletheni ukuthula kulesisifundazwe ngezikathathi zodlame. Ube yiSekela likaSomlomo eSishayamthetho ngenkathi isifundazwe sisaphethwe yi IFP ngabo 1994, kanti usiphathe Iesisikhundla iminyaka eyishumi yonke ngaphambi kokuthi abekwe njengoSomlomo. Ube eseqokwa ukuthatha uMnyango WezokuThutha kanye neZokuphepha komphakathi. UMacingwane uke waphatha isikhashana uMnyango Wezokubusa Ngokubambisana neZindaba Zobukhosie beNdabuko. UMacingwane uletha isipiliyonu esinzulu kuleliHovisi likaNdunankulu esihambisana nokuhlonishwa kwakhe njengoba aziwa njengomunye wabaholi asebekhulile kulesisifundazwe.


Ukungena kwakhe akulindelekile ukuletha amagwinxigwinxi ngoba uHulumeni uwazi njengoba ezazi yena, kanti kubasebenzi uyaziwa futhi unogazi ngingasaphathi kumalunga esishayamthetho amhlonipha kakhulu emva kokusebenza nawo isikhathi eside.

Lomholi ubuso bakhe bugcweli sonke isifundazwe kanti waziwa

kakhulu njengomuntu okufanele ucabangisise ngaphambi kokuthi ukhulumbe naye.

Abamaziyo bathi indoda enamahlombe abanzi ukwamukela nokwenza ngokuthembeka noma yikuphi asuke ejutshwe kukho yi ANC. Engena nje akazukuba nasinge ngoba njengesekela sihlalo wesiFunda ku ANC, futhi njengoNdunankulu kuzofanele enze isiqiniseko sokuthi ukhetho oluhlelelwu u 3 Agasti kulonyaka luhamba kahle. Kanti ngenkathi ekhuluma nabezindaba emva

kokufungiswa njengoNdunankulu uthe “ Ngenkathi ngingena kwipolitiki kaHulumeni, ezintweni eziningi angazifica, yinye kuphela into engayifunda yagxila.. ukuthi amahora angu 24 osuku yisikhathi eside kakhulu kwipolitiki”



UNdunankulu wesiFundazwe sakwaZulu-Natal uMhlonishwa uThembinkosi Willies Mchunu

## IsiFundazwe sizwelana noNdunankulu umhlonishwa u-Willies Mchunu ngokudlula emhlabeni kukamama wakhe

## SIBUSISO MAGWAZA

IsiFundazwe saKwaZulu-Natal, abasebenzi bayo yonke iminyango kanye noHulumeni wonke babhonga emswaneni kanye noNdunankulu uMnumzane u-TW Mchunu emva kokudlula emhlabeni kukamama wakhe. “Lesi isikhathi sinzima kuye kanye nomndeni wonke, ikakhulukazi njengoba kusaphele izinsukwana kudlula emhlabeni uNkosikazi wakhe uDudu” ukusho u-Adv. Simo Chamane oyisikhulu esiphezulu eHovisini likaNdunankulu. Ukudlula emhlabeni kwanoma imuphi umphemfumulo kunzima. Isizwe sonke sizwelana noNdunankulu



kulesisikhathi esinzima kangaka. Kubasebenzi abebesajabulela ukusebenza nokwamukela uNdunankulu omusha, lokhu kubashaqe kakhulu. UNdunankulu akazange abe nasinge nesikhathi

sokuthi ake athi gozololo emva kokudlula emhlabeni kukamama wekhaya ngenyanga edlule ngenxa yokuba matasatasa umsebenzi wesiFundazwe njengoba manje sekwehla lomshophi.

IsiFundazwe sonke sizwelana noNdunankulu nabo bonke abathintekayo. Ngisho nozakwabo kwiKhabinethi nakwipolitiki bawakalise ukushaqeka nokudabuka okukhulu ngenxa yalesisehlo. UNtombikayise Mchunu obena 85 udlule emhlabeni emva kokugula isikhashana esibhedlela saseMtshezi. Ngisho noNobhala

wesiFundazwe weqembu le ANC uMnumzane Super Zuma uwakalise ukudumala okukhulu.

Uthe badabukile futhi badangele ukuthola izindaba ezinje. Uthe umama uNtombikayise uyohlala ekhunjulwa njalo ngemisebenzi yakhe emihle. Uthe ubaziwa kakhulu yiwo wonke umuntu okubalwa kubo ngisho namavolontiya kaKhongolose.

Uqhube wathi ikhaya lakwaMchunu belivulelekile kuwo wonke amalunga omphakathi abefisa usizo. Kanti nomhlonishwa uBlessed Gwala uthe izindaba ezifana nalezi zimdaBukisile

kakhulu yena kanye neqembu lakhe i-IPF. Uthe nakuba bazi kahle ukuthi ukufa nokugula kungevimbekile kodwa bathandazelwa uNdunankulu Kanyenomndeni wakhe ngalesisikhathi sobnzima. NoVikizinta Mlotshwa we NFP kanye noZwakale Mncwango we DA bazwakalise ukudumala nokuzwelana okukhulu noNdunankulu ngobuhlungu abhekene nabo. UNdunankulu kanye nomndeni wakhe wonke bayohlala bejabula ukuthola imfundumalo nemikhuleko evela kusona sonke isiFundazwe njengoba besebunzimeni.

# IZINHLELO ZENTUTHUKO KUGUJWA 16 WEMINYA YOMASIPALA OTHUKELA

“Sifisa ukubonga kuNgqongqoshe wezokuThutha ophinde abe uNdunankulu wethu ngomsebenzi oncomekayo awenzile kulesi sifundazwe,” kusho uSibeko.

## NONHLANHLA NDWANDWE NO-AKHONA DLAMINI

**U**mphakathi wezindawo ezingaphansi koMkhandlu uThukela zibabule kakhulu ngenkathi ithimba ebeliholwa uNdunankulu waKwaZulu-Natal ophinde abe uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Willies Mchunu lihambele lezi zindawo ukuzobungaza imisebenzi esiyenziwe oMasipala eminyakeni engu-16 edlule. UMchunu okunguyena ushampeni obhekele izinhlelo zasoThukela ngokukaHulumeni wesifundazwe, uqale

ngokukhanyisa ngokomthetho isihlonti ebésizungeza bonke oMasipala besiFunda kuvakashelwa imisebenzi yentuthuko kulezi zindawo. Omasipala bahlanganisa uMtshesi, iMbabaZane, uKhahlamba, iNdaka noMnambithi. Njengoba isihlonti sizungeza kuzona zonke izifunda, uMchunu usemukele kuNgqongqoshe wezeziMali uNkk Belinda Scott ongushampeni waseMgungundlovu. Phakathi kwemisebenzi ehanjelwe kube yibuloho eliwela umfula iMbangeni, emphakathini

waseSobabili endaweni yaseMbabaZane. Ekhuluma uMchunu uthé: “Leli bhalohlo lizosiza kakhulu njengoba bekuthi uma umfula ugcwele kube nzima ukuwela. Manje umphakathi wakule ndawo sewuzokwazi ukuxhumana kalula nezakhiwo ezisemqoka okubalwa kuzona umtholampilo kanye nezikole.” Kanti nomphakathi waseBergville awusalanga ngaphandle njengoba wona uhlonule kakhulu ngokwakhiwa kwesikhungo samalayisensi iBergville Testing Centre. Ukwakhiwa kwalesi sikhungo,

obekwenganyelwe uMnyango wezokuThutha ngokubambisana noMasipala wasoKhahlamba noMnyango wezokuBusa ngokuBambisana nezoMdabu, kuzosiza kakhulu umphakathi njengoba kuzokwenza kube Iula ukuthola amalayisensi eduze. Ekhuluma emcimbini wokuvulwa kwaZulu mahhovisi uMnu Thulani Sibeko oyiMeya yasoKhahlamba, uthé amahhovisi azoqinisekisa ukuthi umphakathi usizakala ngokushesha uma ufuna izincwadi zokushayela. “Sifisa ukubonga kuNgqongqoshe wezokuThutha

ophinde abe uNdunankulu wethu ngomsebenzi oncomekayo awenzile kulesi sifundazwe,” kusho uSibeko.

Eminye imisebenzi ehanjelwe yithimba koMasipala abahlukene kubalwa umgwaqo wetiyela owakhiwe eLoskop, irenki eseqophelweni eliphezulu eMtshesi, izimakethe zokudayisa ezisezingeni eliphezulu eWeenen, ibulohlo laseMnweni, ibulohlo laseZakheni, uhlelo lokwakhiwa kwezindlu nomgwaqo wetiyela wase-Uitval.

## UNdunankulu uqinisa ukuthula nozinzo embonini yamatekisi KwaNongoma



UNdunankulu, futhi osabambe njengophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnu Willies Mchunu ubonisana noSihlalo weSantaco KwaZulu-Natal uMnu Boy Zondi kanti ohleli eceleni yiPhini likaSihlalo uMnu Bheki Mbambo emhlanganweni KwaNongoma. Isithombe: **ZINGISA HLATHI**

UNdunankulu waKwaZulu-Natali, uMnu Willies Mchunu useyalele ukuba ukuba kwengezwe ngamaphoyisa akwezinye izifundazwe ukulekela ekubuyiseni uzinzo embonini yamatekisi akwaNongoma. Lokhu uMchunu, futhi osabambe njengqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, ukusho ngesikhathi ehlanguane

nososeshini bamatekisi KwaNongoma muva nje. Ukungenelela kukaMchunu kulandela ukuqubuka kodlame Iwamatekisi endaweni yaKwaDabhasi KwaNongoma, nosekuholele ekufeni kwabantu abayisithupa kusukela lolu dlame luqale ngonyaka odlule. Esigamekweni sokugcina kudutshulwe kwabulawa ngesihluku ikhansela le-ANC uMnu

Bhekithembu Nyembe odutshulwe ngenkathi ehamba nenkosikazi yakhe eMasundwini khona KwaNongoma ekuqaleni kwale nyanga ephelile kaMay. Ngesikhathi ekhuluma nabanikazi bemboni, uNdunankulu Mchunu uthé kumele kutshalwe amathimba amaphoyisa aqequeshiwe ehlukene bese ehlanganiswa nabaphenyi abanobuchule obujulile ukuxazulula le nzukazikeyi

yodlame kanye nokubulalana endaweni. Kuzobuya kube nethimba eliyisipesheli elizopekequela lize livundulule lezo zigilamkhuba ezihamba phambili ekubulaweni kwabantu.

UMchunu uthé indlela isimo saKwaDabhasi esibi ngayo abantu bakule ndawo bayolala ezintabeni njengoba besabela izimpilo zabo.

Ngisho ukufunda kuphazamisekile ezikoleni zendawo njengoba abafundi nabo bengasayi ezikoleni ngenxa yokuqubuka kwalolu dlame. Inhlosi yami enkulu yokubiza lo mhlango ukuthi ngizozizwela mina mathupha kusoseshini wakule ndawo ukuthi ngempela yini imbangela yalokhu kubulalana okungaka ikakhulukazi endaweni yakwaDabhasi.

Ngokombono wami ngibona kungaba kuhle ukuthi sicele ukwelekelelwam apaphoyisa angaphandle kwale ndawo ngisho nawangaphandle kwesifundazwe angabazi abantu bakule ndawo kanye nale ngxabano eghubekayo kule ndawo.

Okulindeleke kuwona wukuxazulula wonke la macala bese ebopha bonke labo abangamashoshozela alolu dlame

kanye nokubulawa kwabantu,” kusho uMchunu. Kanti sekuvilele ukuthi akukona okokuqala ukuthi le ndawo ibe nodlame oluthinta amatekisi.

Ngesikhathi uNdunankulu uMchunu ejutshwa ukuba abe uNgqongqoshe wezokuThutha ngonyaka ka-2009 wafike wathola ukuthi eminyakeni emibili kwase kubulawe abantu abantu abantu-25 bakule ndawo ukusukela ngonyaka ka-2007. “Usoseshini waKwaNongoma wawungowesibili ulandela owase-NMR eMlazi owabe ugubuzelwe yizinkinga eziningi eziphathelene nodlame Iwamatekisi ngesikhathi ngiba uNgqongqoshe wezokuThutha.

Kodwa noma kunjalo sakwazi ukubuyisela isimo kwsinozinto sabuyisa ukuthula endaweni.

Ngizizwa ngiphoxeke kakhulu njengoba phezu kwemizamo yetu eminingi kangaka udlame selubuye Iwaqubuka futhi.



Ngisafuna futhi ukuthi sibuye siqhubeke nokubonisana nomphakathi walapha KwaDambasi ukuzwa olwavo uvo njengoba kuyibona abahlukumezekile yilolu dlame bese kuphunywa nendlela eya phambili,” kusho uMchunu.

## 21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE

DURBAN ICC • 18-22 JULY 2016

“Strengthening the Fight Against HIV and AIDS Pandemic”

ACCESS • EQUITY • RIGHTS NOW





UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu ekhulumu engqungquheleni yentsha ebidingida ngezokuphepha emgwaqeni ebiseThekwini ngeledlule. Isithombe: **SBU ZUNGU**

## KUHLANGANISWE INTSHA KUBHUNGWA NGAMASU OKUPHEPHA EMGWAQENI

■ Intsha iyikusasa lalesi siFundazwe nezwe lonkana. Niyithemba kanye namaphupho ethu. Ngakho-ke ukubamba iqhaza kwenu kule mihlangano kubalulekile kakhulu.

### MABUYI MKARRY

siFundazwe iKwaZulu-Natal sesibe yingxene yohlelo lukanwelone lapho uMnyango wezokuThutha uxoxisana nentsha mayelana namasu angasiza kwezokuphepha emigwaqeni.

Kulolu hlelo uMnyango wezokuThutha kuzwelone kwenziwa imihlangano yentsha ezifundazweni zonke njengoba phambilini ubusesifundazweni iLimpopo. Inhlosi yale mihlangano ngukuthi ekugcineni kwakhwe usomqulu wokuzibophezelu kwabantu abasha ekuben yingxene yezokuphepha emgwaqeni. Lo somqulu kulindeleke ukuba wethulwe uqondaniswe nenyanga uJune okuyinyanga yentsha. Ekhulumu nentsha unDunankulu futhi

osabambe eMnyangweni wezokuThutha uMnu Willies Mchunu uthi: "Inhlosi yethu ngale ngqungquhela ngukuniyeza intsha ithuba lokuba nezwi ngesimo sokuphepha emgwaqeni.

Sifuna ukugqquqzela ukuguqula indlela yokuziphatha kwabantu abasha ngezokuphepha emgwaqeni bese sakha usomqulu i "Youth Declaration for Road Safety".

Lo somqulu ukhuluma ngemibono yentsha, abazali babo, othisha, abaholi bakahulumeni nabanye abantu abangaba nayo ukwenza ngcono ezokuphepha emgwaqeni nokungagcina kusetshenziswa emhlabeni wonkana." "Intsha iyikusasa lalesi siFundazwe nezwe lonkana. Niyithemba kanye namaphupho

ethu. Ngakho-ke ukubamba iqhaza kwenu kule mihlangano kubalulekile kakhulu.

Asikwazi ukuba nezisombululo ngokufa kwabantu emgwaqeni ngaphandle kokuthola uvo Iwenu. Kumele nisukume nibeke uvo Iwenu ukuze kube nentuthuko kanye nengququko ebonakalayo ezweni lethu," kubeka uMchunu.

UMchunu uqhube wacacisa ukuthi kungani libalulekile iqhaza Isifundazwe iKwaZulu-Natal kulokhu. Uthe iKwaZulu Natal yisifundazwe esikhulu silandela i-Gauteng ngokwenani labantu abahlala khona njengoba bebalelwu ku-10.5 million, nokungamaphesenti angu-19.7 wesibalo sabantu kuzwelone esingu-53 million. "Lesi siFundazwe sibuye sibalwe futhi

nezfundazwe ezinemihlabu emikhulu ezindaweni zasemakhaya, ezinomsebenzi omkhulu wokwakhwa kwemigwaqo nezihlaselwe ububha nokungabikhona kwamathuba emisebenzi.

Isifundazwe sethu sinezmoto eziningi ezibhalisiwe ezibalelwu ku-1.5million nokuyisibalo esikhula ngesivinini njengoba ngonyaka sikhula ngamaphesenti angu-25.

Siphinde sibe nesibalo esikhulu semingcele namazwe angaphandle okubalwa iLesotho, Swaziland, Mozambique kanye nangokwezfundazwe okuyiFree State, Mpumalanga ne-Eastern Cape. Sinamachweba eThekwini naseRichards Bay amatasatasa kakhulu njengoba esebeenza ukwamukela izimpahlia ezinkulu

ezifika ngamaloli ahamba emigwaqeni emikhulu, ikakhulukazi ku-N2 no-N3.

"Lokhu kuthuthwa kwenza imigwaqo yethu isheshe ilimale bese idinga ukulungiswa ngaphambi kwesikhathi, lokhu okuba nomthelela ekulawulweni kwezokuthuthwa, nokwenza umsebenzi ube nezinselelo eziningi.

Konke lokhu kukhombisa ukuthi ezokuphepha emgwaqeni akuwona umsebenzi olula kepha unzima futhi udinga ukuthi sibambisane sonke ukuze siqhamuke nezisombululo ezizokwelekelela," kuphetha uMchunu.




# RAPE IS A CRIME

## 365 Days Anti-Women Abuse Campaign

### UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX



# INJABULO KWAMGWAGWA KWETHULWA UHLELO LOKUFAKWA KWETIYELA

Ngithanda ukudlulisa amazwi okubonga nokuncoma ubuqhawe nobunono enisingathe ngalo lolu udaba Iwesicelo senu sokuba nifakelwe itiyela.

## SIBONELO MCHUNU

**U**kwethulwa ngokomthetho komsebenzi wokufakelwa kwetiyela emgwaqeni u-P390 kwaMgwagwa, ngaphansi kukaMasipala waseMsunduzi eMgungundlovu, kulethe ithemba kwizakhhamizi zakule ndawo kanye nabaniakazi bezithuthi abasebenzisa lo mgwaqo ukuthi impilo isizobza ngencongo nakubona.

Leli themba lilethwe ukufika kukaNdunankulu wakulesi sifundazwe nosabambe njengoNgqongqoshe wezokuThutha, uMnuz Willies Mchunu ephendula isoyi kule ndawo ekhulula abanikazi bezimoto abebekhala ngokulinyalelwu yizimoto zabo ngenxa yesimo esibi somgwaqo.

UMchunu ubonge kakhulu umphakathi waKwaMgwagwa ngokubekezelu iminyaka eminingi usebenzisa lo mgwaqo owubhuq futhi ungakaze uzwakalise ukukhalaza kwavo ngokuthi ucekele phasi izinsiza zikaHulumeni.

"Ngithanda ukudlulisa amazwi okubonga nokuncoma ubuqhawe nobunono enisingathe ngalo lolu udaba Iwesicelo senu sokuba nifakelwe itiyela. Siyethemba ukuthi noma futhi kuhona okunye enkhala ngakho niyokwenza okufanayo futhi nilinde nibekezele ngoba akukhona ukuthi lo

Hulumeni akalaleli, kodwa uyalalela bese ephendula.

Yikhona-ke ukuthi angeke akwazi ukuphendula ngokuphazima kweso kepha siyaniqinisekisa ukuthi okungakafiki ngasezindawen zenu kuseza," kusho uMchunu.

UMacingwane ube esehlaba ikhwelo elibhekise emphakathini nakubashayeli ukuba bawunakekele lo mgwaqo futhi abashayeli bagweme izingozi ngokuthi balandele imithetho yomgwaqo ukuze kugwemeke izingozi. "Asifuni ukuthi ngoba nakhu sekufakwe itiyela bese abashayeli bayantweza emgwaqeni ngoba bevunyelwa ubuhle bomgwaqo bese bekholwa ukwenza okufanele kuze kudaleke nezingozi ezingenasidindo.

Nomphakathi ngokunjalo siyawunxusa ukuba nawo ungawushisi umgwaqo njengoba sibona kwenzenka ezingxenyeni eziningi zeze uma kuhona izidingo abakhala ngazo," kunxusa uMchunu. Phakathi kwabebehambele lo mcimbi bekunguNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi uNkk Weziwe Thusi, iPhini leMeya yaseMsunduzi uMnu Thobani Zuma, izinhlaka ezisebenzisana noMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi kanye nobuholi bendawo. Lo mgwaqo



UNkk Weziwe Thusi ophathiswe ezokuThuthukiswa koMphakathi nePhini leMeya yaseMsunduzi uMnu Thobani Zuma baphendula isoyi lomgwaqo ngokuhlanganyela nobuholi bendawo KwaMgwagwa eMungundlovu. Isithombe: SBU ZUNGU

ongamakhilomitha amahlanu uzodla isamba semali engu-R83 million kanti kulindeleke ukuba udale amathuba emisebenzi kubantu bendawo ababalelwu emashumini amahlanu.

Uzoxhumanisa indawo yaKwaMpande neyaseMpophomeni, ukwakhiwa kwavo kwenze kube lula ukufinyelela ezikoleni zendawo okuyiSilindokuhle Combined Primary neSibanesihle High School. Okuhlalukile kakhulu

kulo mcimbi indlela abanikazi bamatekisi abakuthakasele ngakho ukuthuthukiswa kwalo mgwaqo njengoba bebekhala ngokuthi izimoto zabo zifa miha namalanga.

UMnuz Boy Zondi onguSihlalo we-SANTACO esifundazweni uwubongele kakhulu umphakathi wathi uyethemba ukuthi nabashayeli bazoziphatha ngendlela eyamukelekile uma sebesebenzisa lo mgwaqo.

"Sinxusa imiphakathi ukuba ikhulume uma kuhona

engakuboni kahle ematekisi ukuze silwe nesihlava sezingozi zomgwaqo. Ngithanda ukunihalalisela mphakathi waKwaMgwagwa ngale ntuthuko uMacingwane anilethela yona namuhla," kusho uZondi.

Lona bekungumcimbi wokuqala uNdunankulu esemphakathini emuva kokugcotshwa njengoNdunankulu omusha kanti ubonge kakhulu emphakathini nasesifundazweni sonkana ngokumeseka.

## Kuqiniswa ezokupheka emaHostela ase-Glebe nakwaMashu

### SINDISWA ZIKHALI

Umkhankaso kaHulumeni wesiFundazwe wokuletha uxolo nokuthula emahostela akhungethwe uthuthuva, eGlebelands, eMlazi, naKwaMashu, ungene kwelinje igiya ngenkathi kutshalwa amanye amaphoyisa angaphezu kuka-70 ukuqinisa ezokuphepha kulezizindawo. UNggongqoshe weZokuthutha, uKuphepha nokuXhunyaniswa koMphakathi, uMnuz Willies Mchunu benoMkhuzu waMapoyisa KwaZulu-Natal, uGeneral Mammonye Ngobeni, bemukele ngokusemthethwensi amaphoyisa abalelwu ku-70 azothunyelwa ukuyoqinisa ezokuphepha kulamahostela. Ekhuluma kulumcimbi, uMchunu utha uhulumeni, amaphoyisa kanye nomasipala weTheku- okunguyena ophethe kulamahostela - benza konke

okusemandleni ukuletha ukuthula noxolo kulamahostela. Loluhlelo lufaka phakathi nokuqinisa kwezokuphepha ngenhlosi yokukhuculula izibhamu nokubopha izigebengu ezigila imikhuba enhlobonhlubo lapha kulezizindawo. "Kulamasonto edlule, namanje, amaphoyisa amatasatasa kulamahostela abopha izigebengu, avumbulula nezibhamu ezingekho emthethweni kanti futhi alwa nalo lonke uhlubo lobugebengu.

Sicela umphakathi nalabo abahlala kulezizindawo basebenzisane nathi kanye namaphoyisa ukulungisa isimo kulezizindawo," kusho uMchunu.

Eminye imisebenzi yamaphoyisa muva nje yenze kwaboshwa omunye umsolwa okade efunwa nothintekayo ekubulaweni kwabantu eGlebelands. Kanti futhi

ngalo isonto eddlule kuboshwe omunye umsolwa KwaMashu oyingozi kakhulu otholakale ephethe izibhambu zohlobo Iwe-AK-47 ezintathu, amavolovolo amabili kanye nezinhlamvu ze-AK-47 eziningi, izinhlamvu zezibhamu ezinhlobonhlubo ezingu-350.

Lomsolwa uyathinteka ekubulaweni kwephoyisa eGingindlovu ngonyaka odlule.

Kanti ke emva kokubulawa kwamuva kwabantu abane laphaya ehostela KwaMashu, amaphoyisa aseyabazi abasolwa kumanje nje asezithendeni zabo. Kuthe ngempelasonto edlule amaphoyisa agasela kuwo omabili lamahostela lapha efike athola khona izikhali eziyingozi, athola nenqumfomu yamasotsha kanye nenqwaba yezibhamu. "Ezigamakweni eziningi zokubulawa kwabantu kulezizindawo, amaphoyisa

aseyabazi abasolwa. Into esikhinyabeyayo ukungabibikho kofakazi nokuyinto elimaza umsebenzi wamaphoyisa. Siyacela umphakathi usisize uma kuhona okwaziyo ngokubulawa kwabantu kulezizindawo," kucela uMchunu.

Uthe uHulumeni, amaphoyisa kanye nomasipala weTheku basebenza kanzima ukuqinisekisa ukuthi isimo kulezizindawo sibuyela kwesemukelekile futhi kuba nozinzo kanye nokuthula. Okunye okwenziwayo ukukhculula lamahostela yilokhu okulandelayo: Izingxoxo zokuthula eziholwa nguMnyango weZokuphepha nokuXhunyaniswa koMphakathi nezifaka phakathi umasipala weTheku kanye namaphoyisa,

Ukutshalwa kwamaphoyisa kulezizindawo nsukuzonke, Kusukela ngo-2014 amaphoyisa asebophe abantu abangu-16


emacaleni okubulala angu-8 ehostela laseGlebe,

Khona eGlebe amaphoyisa asekuculule izibhamu ezingu-42 kanye nezinhlamvu ezingu-550,

Ukwenza ngcono ezokuphepha umasipala usefake amakhamela ehostela kanti amanye amahlanu asazofakwa, Ihostela laseGlebelands uyalibiyela umasipala kanti futhi sekubhaliswe kabusha abahlali abangu-11 380.

"Kafushane nje singathi senelisekile ngomsebenzi owenzwa amaphoyisa kulamahostela. Kepha umsebenzi wokuletha uxolo nokuthula ungumsebenzi odinga thina sonke-uHulumeni, abahlali kanye namaphoyisa. Ngakho ke sicela umphakathi ubambisane nathi," kusho uMchunu.

**"Sicela umphakathi** nalabo abahlala kulezizindawo basebenzisane nathi kanye namaphoyisa ukulungisa isimo kulezizindawo,"



# IHHOVI LIKANDUNANKULU NOMKHANKASO WOKUFUNDISA NGOKUBAMBISANA KWEZINHLAKA ZIKAHULUMENI

Lezizikhathi esiphila kuzo, yizikhathi ezibalulekile impela. Sigubha iminyaka engamashumi amabili saba nomthethosisekelo, siphila esikhathini esibuswa umthetho nentando yeningi

## SIBUSISO MAGWAZA

Hovisi likaNdunankulu liqalise umkhankaso wokufundisa izikhulu zikahulumeni ngemisebenzi nangokubambisana kwezinhlaka zikaHulumeni. Lommhlangano ubuseThekwini ezakhweni zomnyango weZemisebenzi yomphakathi. Lena bekuyinqgophamlando yomhlangano ohlanganisa izinhlaka zikaHulumeni okusuka kuHulumeni omkhulu ePitoli, oWesiFundazwe eMgungundlovu kanye nezinga loMasipala.

Okuphawulekile ngalomhlangano ukuthi bekuhlangene izinjulabucopho eziqhamuka emikhakheni eminingi futhi ezifunde zagogoda ngalomkhakha wezoKubusa ngokubambisana (cooperative governance) Ethula inkulumo yakhe egameni likaMqondisi wesiFundazwe, uSekela Mqondisi wesiFundazwe uAdv. Simosenkosi Chamane uthemhlango onjengalo ungwokuqala kulesisiFundazwe



*U-Adv. Simosenkosi Chamane oyisikhulu esiphezulu eHovisi likaNdunankulu ngenkathi ethula inkulumo emcimbini wokucobelana ngolwazi kuzinhlaka zikaHulumeni eThekwini.*

**Isithombe: PRICE MTHETHWA**

futhi ufike ngesikhathi esihle. Uthe inhloso yalomhlangano ukufunda, ukufundisa nokugcizelela

ukubaluleka kweminyange ephathelene nokusebenza ngokubambisana kweminyango yohulumeni.

Uthe lomnyango ubalulekile ukwenza izinhlelo nokusebenza kukaHulumeni kube ngokusezingeni kanti uma lomnyango usebenza ulandela imigomo ebekiwe, uHulumeni angasebenga ngaphandle kwamaginxinxi.

Lomnyango unomthwalo onzima osemahlolome awo ukwenza uhulumeni ahlangabezane nezidindo zesiFundazwe. OkaChamane uthemhlango uyisiqalo esihle, unekeza izisebenzi zikaHulumeni kuwo wonke amazinga ithuba lokuxixisana ukue kusebenzeke kangcono.

Uthe ngeke kwakkholakala ukuthi lezinhlaka zikaHulumeni zihlangene nje, isiFundazwe zigubha iminyaka eyishumi nesithutha kwaqala oHulumeni basekaya. Lokhu kuzuzwe ngenxa kokukwazi ukusebenzisana kwazo

zonke izinhlaka zikaHulumeni.

Uthe umthethosisekelo wezwe laseNingizimu Afrika ukubeka kucace ukuthi yonke imikhakha kaHulumeni kufanele isebeenzisane ukuze isizwe sonke saseNingizimu Afrika siphumelele. Izikhulu ezikhulume kulomhlanganp bezivela kumazinga aphezulu emfundu okubalwa iNyuvesi yaseKapa, Ongoye, KwaZulu Natal nakwezinye izikhungo zemfundu ephakeme. Izikhulumi bezihlanganise ngisho nalowo owayenguMqondisi wesiFundazwe sakwaZulu-Natal u-Adv RK Sizane.

"Lezizikhathi esiphila kuzo, yizikhathi ezibalulekile impela. Sigubha iminyaka engamashumi amabili saba nomthethosisekelo, siphila esikhathini esibuswa umthetho nentando yeningi kanti nezwe lethu libuswa yimithetho. Ngenxa yalokhu kubalulekile ukuthi sihlale njalo siba nemihlangano efana nale" kusho uChamane. Esephetha inkulumo yakhe uthemhlango zimbala izinto okumele zaziwe

ngokubaluleka kwalomhlangano nangomnyango wakwa Inter Governmental Relations.

Okokuqala uthemhlango zokubambisana koHulumeni, ukuvimbela oHulumeni neminyango engalandeli mithetho kodwa ezibusa yona, ukuvumelana nokungagxambukeli kweminye yeminyango ezindabenzi zeminye kanti lokhu kungadala ukungasebenzi kahle, ukukhuthaza yonke iminyango kaHulumeni ukuithi isebeenzisane kanti okokugcina nokubalulekile ukukhuthaza iminyango kaHulumeni ukuthi izxoxisane ukuze ixazulule izinkinga ngaphambi kokuyisana ezinkantolo. Lommhlangano uthetho izinsuku ezintathu zonke kanti ekupheleni kwawo kuzobhalwa usomqulu wokuvunyelwane ngakho bese usabalaliswa kuzo zonke izinhlaka zikaHulumeni ukuze kuphuculwe indlela ekusetshenzwa ngayo.

## Kukhuzwe izidakamizwa nophuzzo oludakayo entsheni yaseMgungundlovu

### LUNGISANI GWALA

Kugquqguzelwe ukuzithiba nokungazibandakanyi nezidakamizwa kanye nophuzzo oludakayo entsheni yaseMgungundlovu, emcimbini obukade uhllewe uMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, amaPhoyisa kanye neCommunity Policing Forum Youth Desk obukade ubanjelwe enkundleni yezemidlalo eNdumiso.

Lomcimbi ugale ngorchungechunge Iwezimoto zamaphoyisa ezingeze izindawo ezakhele amalokishi aseMgungundlovu ukukhombisa umphakathi ukuthi isiphoyisa sikhona ukusiza labo abahlukumezekile, kwaphinde

kwakhona ukhukhulela ngoqo wemashi lapho abafundi bezikole ezechukene begcwale imigwaqo bephetha izingqwembe zoMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ebizinemiyalezo egxeka ukusetshenziswa kwezidakamizwa. Intsha ibicula izingoma zomzabalozo, ikuza iziqubulo eziphiwisa ukusetshenziswa kophuzzo oludakayo kanye nezidakamizwa.

Kuyo lemashi bekukhona nabefundisi abethembise ngokuthi bazokhulekela isihlava sezikamizwa kanye nophuzzo oludakayo. Umcimbi uphethe ngezinikulomo ebezino hlonze

ezethulwe enkundleni yezimidlalo eNdumiso. Izikhulumi bezigxeka ukusetshenziswa kwezidakamizwa ngabantu abasha. Umkuhi wamaphoyisa kwisiyangi saseMgungundlovu uGeneral Lucas Ngubeni unxene abantu abasha ukuba baziqhelelanise nezidakamizwa kepha banake imfundo ngoba iyikusasa lesizwe.

"Bantu abasha siyisiphoyisa siyaninxenxa ukuba niziqhelanise nezidakamiswa kepha nigxile kwimfundo ngoba niyikusasa lesizwe sakithi. Isizwe esinabantu abangafundile asiyi phambili," kusho uNgobeni. Lomcimbi weneka nje ezinyangeni ezdilule kushone abafana abayiskhombisa


kwaMashu ngenxa yokusebenzisa isidakamizwa esibizwa ngomgwinyo. Nakhona eMgungundlovu sekushone abantu abathathu ngenxa yaso lesidakamizwa. Usihlalo we CPF Youth Desk uSbonelo Ntshangase naye unxuse abantu abasha ukuba basuke kwizidakamizwa ngoba kunomonakalo omuningi osudalwe yazona. Uqhube wathi kunabantu abasha abagcweli emajele ngenxa yezidakamizwa. "Siyaninxusa bantu abasha ukuba niyeku ukusebenzisa isidakamiwa ngoba ziyanibulala futhi nizogcina senibhadle emajele njengalabo ekade bekuzwa kodwa bengewza siyaninxenxa ukuba nibike nalabo

abawashushumbisayo.

"Nalomkhuba walabantu abadala abaheha izingane zamantombazane abazibiza ngamaBlessier sizoqala umkhankaso obhekene nabo ngqo ngoba. umyalezo wethu kulabu abashushumbisa isidakamizwa uwodwa uthi siyeza kubona. ASISABI, SIYASEBENZA, ASINAVALO," kuqhube uNtshangase. Kuphinde kwanxenxa intsha ukuba izimbandakanye nemikhankaso efuze lena iphinde ijoyine umbimbi lokulwa nobugewbengu.

**community safety & liaison**  
Department:  
Community Safety and Liaison  
**PROVINCE OF KWAZULU-NATAL**

**MR TW MCHUNU**  
MEC for Transport, Community Safety & Liaison



"Masihlangane ngokubambisana silwisan nobugebengu"

# UNDUNANKULU UKHOMBISE NGELENZO UKUTHI USUKU LWABANTWANA LUBALULEKILE



## SIBUSISO MAGWAZA

**U**Ndunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa uWillies Mchunu ukhombise ngezenzo ukuthi usuku lwabantwana olugujwa emhlabeni wonke ngo June 1, lubalulekile kuye kanye noHulumeni wesiFundazwe. Nakuba usuku lwangoLwesithathu kuhlale kuwusuku lokuhlangana kwesigungu sikaNdunankulu ukuxoxa ngezinto ezibalulekile kulesisiFundazwe nakuHulumeni, kodwa uNdunankuklu ukwazile ukuxoxa abuye ahlale nabantwana ngalolusuku.

Lolusuku lugujwa umhlaba wonke ukuqguqguzelu amalungelo nezindaba ezintinta abantwana. Usuku oluqoshiwe phansi yinhlangano yeZizwe (United Nations) futhi oluhlonishwa yiwo wonke amazwe kanye noHulumeni bonke. UNdunankulu uhhlangane nabantwana besikole kanye nozime ezinganeni obizwa ngo "Little Miss Universe" U-Zenande Mncube. Lomntwana oneminyaka

eyiskhombisa nje kuphela uhlala eMpangeni, usesebenze kakhulu ukuqwashisa imiphakathi kanye nabanye abantwana ngokubaluleka kwezindaba eziphathelene nabo.

Usebuya nasemazweni apesheya eqhuba lomkhankaso, kanti umatasatasa uqokelela izimali zokuthi aphide aye eMelika.

Usuku olufana nalolu belungeke lndlule uNdunankulu engazange ahlangane nalezizinhlaka eziwlala amalungelo abantwana njengoba naye aziwa ukuthi unomlando wokulwela amalungelo abantu kusukela ngenkathi eseyisishoshovu seszepolitiki.

Ekhuluma nabantwana uNdunankulu ubakhuthaze ngokuthi bagade abantu ababanunusela ngezidaka mizwa. Waphinda wabaqinisekisa ukuthi uHulumeni wesiFundazwe uyawahlonipha amalungelo abantwana.

Uthe ikusasa labantwana balesisiFundazwe lincike kakhulu emfundweni nasekuzimiseleni.

## UMnyango wezeMpilo uzoqequesha onesi abaningi ngemishanguzo ye-HIV

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natali, uDkt Sibongiseni Dhlomo, usezwakalise ukukwethemba ukuthi uhlelo lokuhlinzekwa komphakathi ngemishanguzo yegciwane le-HIV iuzobeka lesi fundazwe kwibalazwe lomhlaba engqungqutheleni i-World Aids Conference ezokuba seThekwini kulonyaka.

Ekhuluma esesifundeni sase-Majuba, eNewcastle, lapho bekuhlangene khona abahlengikazi abaqequeshe ngaphansi kohlelo i-Nurse-Initiated Management of Atriretroviral Treatment (NIMART), uDkt Dhlomo uthe: "Kuyisimanga ukuthi kubantu abawu-3,2 million abathola imishanguzo ye-HIV, abangaphezu kuka 1 milion baapha KwaZulu-Natal.

Lokhu kungenxa yeqhaza elikhulu elibanjwe wonesi abaqequeshe ngaphansi kwalolu hlelo. Besingeke sifinyelele kulezi bialo ngaphandle kwabo.

Le ngqungquthela yengculazi ezoba ngenyanga ezayo izosinika ithuba elihle lokuba sitsheli umhlaba wonke ngomsebenzi omuhle osuwensiwe yilesi sifundazwe ekulweni

nokubhebhethuka kwegciwane le-HIV nengculazi." Kulomhlangano, obuye wadlulela naseHluhluwe, abahlengikazi namalungu omphakathi bebeshiyelana inkundla, bekhuluma ngomthelela omuhle walolu hlelo ezimpilweni zabantu abadinga imishanguzo ye-HIV. Kuzokhumbuleka ukuthi phambilini bekungodokotela kuphela abebenegunya lokuhlolabantu bakhiphe nemishanguzo.

Kuphinde kwavela nokuthi iKwaZulu-Natal izokwandisa isibalo sabahlengikazi abaqequeshe ngaphansi kwalolu hlelo njengoba bengaphezu kuka 1700 njengamanje.

Lokhu kuzosiza lesi sifundazwe ukuthi sikuwazi ukuhlangabeza umthamo wabantu abazondinga lemishanguzo njengoba iNingizimu Afrika izoqala ukuyinika wonke umuntu ozohlolwa atholakale ukuthi unegciwane le-HIV.

Kusukela ngo-Septhemba nonyaka akusezukuya ngezinga le-CD4 count, njengoba phambilini imishanguzo ibitholwa abane-CD4 count ka-500 kuya phansi.

Lezi zinguuko zimenyezelwe wuNgqongqoshe kazwelonke uDkt

## Inkulisa engumahamba nendlwana yemukelwe ngesasasa eNdwedwe

■ "Ukuqinisa ezemfundo kusukela ezinkulisa kungezinye zezinto esizibeke eqhulwini".

### HLENGIWE BLOSE

Bekuphume nesinedolo emcimbini wokwethulwa kwenkulisa kanokusho engumahamba nendlwana yojahidada abangakangeni esikoleni, obuhlelwe nguMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, obe yisasasa elikhulu emphakathini wase-Glendale, kumasipala waseNdwedwe, ngaphansi kwesizwe sakwaMagwaza. Injabulo ibibhalwe emehlwani kojahidada bebona inkulisa yabo, kwazise uhlolo Iwayo lingelokuqala ukwethulwa kulesi siFundazwe, okuyiloli elikhulu elihlotshiswe ngemibala yabo eggamile, nemidwebo ehehayo, namabhelunda amibalabala.

Lenkulisa iphethe izincwadi zodado zokufunda, amathoyizi anhlobonhlobo okudlala, kanti kukhona namatafula nezitulo kanye nemibhede yabo elingene yokuphumula.

Ekhuluma nezinkumbi zabantu abebethamele, iNhloko yoMnyango, uNkosazana Nokuthula Khanyile uthe: "Namhlanje sizothula lolu hlelo Iwenkulisa engumahamba nendlwana ezosisa izingane zethu.

"Ukuqala kwengane enkulisa kabalulekile. Yingakho uMnyango uhlone ukwethula izinhlelo zayo endaweni yaKwaMaphumulo kanye nalapha eNdwedwe. Sikwenze lokhu ngenhlosa yokuthi sizobambisana nani ukuze yonke ingane ibe nethuba lokuqala enkulisa ngaphambi kokuba ize ifike kwisigaba sokungena

esikoleni. "Okunye, ukuthi sinilethele zonke izinhlelo zikahulumeni njengoba ikhona yonke iminyango nezinsiza zayo," kusho uNkosazana uKhanyile. IMeya yaKwaDukuza, uKhansela Ricardo Mthembu, udlulise ukubonga kuMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, lapho ethe: "Lenkulisa izokwazi ukulekelela ekukhuliseni abantwana.

Siyabonga ukuthi uhulumeni uye wakuqinisekisa ukuthi izingane zethu zibhekellele.

Ohulumeni bangaphambi kuka-1994 bebebhekelela ezinye izinhlanga. Siyabonga ukuthi uhulumeni uguque lesi simo, abantwana bethu bagcina bethole izinsiza." IMeya yaseNdwedwe, uKhansela Maxwell Hadebe, iphinde yaphathiswa ukwethula inkulumo kaNgqongqoshe uThusi, nohambe emagameni eMeya lapho ethe: "Ukuqinisa ezemfundo kusukela ezinkulisa kungezinye zezinto esizibeke eqhulwini.

Namhlanje sizofeza izethembiso

ezikuSomqulu noMthethosisekelo

wezwe othi izingane zinelungelo

lokufunda.

"Sizokwethula uhlelo oluyingqophamlando noluzokwenza abazali bakwazi ukuletha izingane zabo zilekelele

ngezemfundo futhi zinikwe nokudla

njengoba kwenzeka kwizinkulisa

eziwayelekile.

"Lenkulisa engumahamba

nendlwana izohambela zonke

izindawo ezisemakhaya la

kunezindawo ezingenazo

izinkulisa. Izophinde ihambele nezinkulisa ezingenazo izinsiza ukuze nazo zilekelele.

"UMnyango wenza uwaningo ngonyaka ka-2013-2014 kwizinkulisa kanye nezingqalasizinda zazo.

Okwatholakala yilokhu: izinhlelo azikho esimweni esigculisayo, kangangokuthi kunezinkulisa ezisebenza emijondolo, abantu abasebenza khona ezinkulisa abaqequeshe lomsebenzi, abazali balinda izingane zabo zize zibe neminyaka emithathu ngaphambi kokuziyisa enkulisa, kanti kumele ngabe zisuke sezikhona enkulisa uma sezinaleyominyaka.

"Ngalenkulisa esizoyivula namhlanje sizovala igebe elavuleka, nokuwumphumela wensila yobandlululo njengoba izindawo zasemakhaya zazinganakiwe ngoba uhulumeni wangaleso sikhathi wawucwasa.

"Le nkulisa engumahamba nendlwana idle imali engu-R1,7 million, ukuze isebebenze kwaphinde kwabekwa imali engango-R700 000 ezokhokhela umshayeli nothisha njengoba kudaleke namathuba omsebenzi.

"Le nkulisa ingeyenu, niyiphathise okwezikhalie zamantungwa ngoba izobe isiza izingane zenu. SinguMnyango siyazibophezelu ukwenza umsebenzi wethu ngendlela eyiyo ukuze kuthuthuke izimpilo zabantu," kusho uNgqongqoshe ngomlomo weMeya uMthembu.



UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal, uDkt Sibongiseni Dhlomo, uthathwe lapha enabahlengikazi e-Majuba District

Aaron Motsoaledi ngesikhathi ethula inkulumo yakhe yeSabelozimali ngo-Meyi.

UDkt Dhlomo uthe kuzonxuswa abantu asebenonyaka nohhafu bethatha imishanguzo yabo

emitholampilo ukuthi bayilande ezindaweni ezifana nasemahholo emiphakathi nasemasontweni, njengoba isimo sabo sempilo sisuke sesisimeme. Lokhu kungaphansi kohlelo, iCentral Chronic Medicine

Dispensing and Distribution programme (CCMDD) okuhloswe ngalo ukunciphisa isiminyaminya ezikhungweni zezempi.



# ISEXWAYISO NGOSOMATHUBA NGENKATHI KUGCOTSHWA INKOSI YAKWABIYELA

Isizwe sakwaBiyela simuntu munye nesizwe sakwaZulu, bonke bavela kuNdaba kaMageba kaZulu.  
Bonke babengabakwaZulu ngokudabuka kwabo.

## VERNON MCHUNU

**A**makhosi anxuswe ukuba alusukumele udaba losomathuba bezopolitiki abazama ukusebenzisa imizwa yabantu ukufeza izinhloso zabo zokuzama ukuzibeka ezikhundleni eziphezulu kwezopolitiki. Lawa ngamazwi oMphathiswa uMhonishwa uNomusa Dube-Ncube.

Ngenkathi ekhuluma emcimbini wokugcoba inkosi yakwaBiyela oThungulu. uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu, umhonishwa uNomusa Dube-Ncube, akashiyanga nelilodwa egxeka siisihlava esesithanda ukuvela, lapho sekunosopolitiki abazama ukuzibeka emgangathweni

wepolitiki ngokuthi bavukuze imizwa yabantu.

Uncome kakhulu uNgangezwe Lakhe ngeqhaza alibambil selokhu ebe sesihlalweni eminyakeni eyevile kwengamashumi amane, ekukhuthazeni kwakhe ukuthula ngisho nangezikathu zodlame Iwezopolitiki.

Uqhube wathi siphila esikhathini lapho khona sesibhekene nabantu okuthi lapho sebephelelw wushatini ngenxa yokuziphatha budlabha kwabo, bese bebona kungcono bazodlala ngabantu babasebenzise ukuze bona bakwazi ukuphila njengezikulu. Sekunabantu manje abalokhu behkuluma ukukhuluma

okunohlevane, bethi ngoba bayabona ukuthi ezinkethweni abanalo ithemba, bese belinganisa ukuthi kuzoliwa.

Ngiyathanda ukuthi amakhosi akithi asebenzisane nathi singuhulumeni kanye nabantu bakithi ukutshela labobantu ukuthi lesisifundazwe sisuka esimweni esibuhlungu lapho kwaba nezigameko zodlame ezashiya kunezinkedama nabafelokazi" kusho okaDube-Ncube. "

Ngakho asizukusetshenzisa ngosomathuba kwezopolitiki abathi ngoba behlulwa ukopolitika bese befuna ukwenza izwe lakithi lifuze o Burundi no Uganda no Rwanda, lapho khona amanxeba ezimpi zakhona nanamuha awakapholi,"

kugcizelela unggongqoshe. Ube esenxusa izizwe zamakhosi zonke esifundazweni ukuba zingalinge zivume ukusetshenzisa kepha zibhekelele kuphela ukuvikelwa kwesizwe kanye nokuthuthuka kwabantu emakhaya.

Kulomcimbi kuphinde kwaqhakanjisa iqiniso lokuthi lohulumeni okhethwe ngabantu kusukela ngo 1994 usububeke ezingeni eliphakeme nelinesithunzi kakhulu ubukhos bomdabu.

Umcimbi ubuhlelw ngobunono ubunganyelwe ngisho nayiSilo nokuyisona esingumnikazi womsebenzi wokugcoba amakhosi wonke lapha KwaZulu-Natali. Inkosi uHlanganani Cameron

Biyela ugcotshwe ngokusemthethweni engena esikhundleni sikayise inkosi uPhangifa kaZwelempu kaNkomko kaMgitshwa kaMvundlana ka Menziwa kaXhoko kaNdaba.

Lomgcobo ubungokhetekile kakhulu kwazise uNgangezwe Lakhe uveze nokuthi oMenziwa laba bangabandawonye nabendlu yeSilo esibusayo.

"Isizwe sakwaBiyela simuntu munye nesizwe sakwaZulu, bonke bavela kuNdaba kaMageba kaZulu. Bonke babengabakwaZulu ngokudabuka kwabo. INkosu uNdaba uzale uJama endlunkulu kwase kuthi ekhohlo wazala uXhoko," kulanda uMlomo ongathethi-manga, emcimbini.

## Selokhu kwathi nhlo intsha ibilokhu isekhaleni lomzabalazo wenkululeko

### SIBUSISO MAGWAZA

Inyanga kaJune eNingimu Afrika yaziwa njengenyanga yentsha ngenxa yamagalelo ayo ekuletheni inkululeko kulelizwe. Imibhidlango yentsha kusiFundazwe saKwaZulu-Natal ingebalwe ngenxa yobumqoka beqhaza elibambil selokhu sathola inkululeko eminyakeni engu 22 eyedlule. Lenyanga ibaluleke kakhulu kusiFundazwe sethu nasezwani lonkana ngoba sigubha iminyaka engu 40 selikhu intsha yaseSoweto nakwezinye izindawo yabhekana ngeziqo zamehlo noHulumeni wobandlululo okwavula indlela yokuthi lelizwe lithole inkululeko ngo 1994.

UNDunankulu umhonishwa uWillies Mchuni neKhabhinethi yakhe yonke bafilela yonke intsha yakulesisiFundazwe okuhle konke njengoba begubha lenqophamlando yeminyaka. Ngokwezibalo kuliqiniso elingephikwe ukuthi intsha kulesisiFundazwe iningi ukwedlula abantu abadala.

Intsha ibambe iqhaza elikhulu ukuthuthukisa lesisiFundazwe sethu kanti yiyo futhi eyanikeza ngisho IoHulumemi ophethe amandla ngokwezibalo.

Intsha yangesikhathi sobandlululo yadela konke ukute ikuhulule lelizwe, kanti eNingi eyadela konke ukulwela inkululeko, kodwa manje isibhekene nezinkinga zokweswela imisebenzi.

Yingakho ke IoHulumeni oholwa nguMacingwane ukuvuma ukuthi intsha ingamavulandlela futhi kufanele sihlale siziqhenya ngawo.

Lenyanga ibalulekile kakhulu, ngakhoke isiFundazwe kumele sihlale sicabanga futhi siziqhenya ngeqhaza elibanje intsha yethu. Intsha yanamhlanje ibhekene nezinkinga ezihlukile kunalezo ezazibhekene nentsha ka 1976, kodwa kuningi intsha yanamhlanje engakufunda kulomlando.

Njengoba izwe selikhululekile kulula kubantu ukucabanga ukuthi yonke into yayilula,

kukhohlakale ukuthi sinjenje namuhla yingenxa yemizabalazo yentsha efana no Andrew Zondo, Solomon Mahlangu, Hector Pietersen kanye neningi intsha eyadela amakhaya ukuze mina nawe sithole isithunzi esinaso namhlanje. Intsha yanamhlanje ifunda ezikoleni zamahala, ithola uxhaso emaYunesithi nasema TVET, uHulumeni usebenzisa izimali ezishisiwe ukuze lentsha ithole amathuba njengalaba abafundela ubudokotela eCuba naseNdiya, abafundela ezoLimo kanye nababhekene neminye imikhakha.

Yize kinjalo kodwa kuningi okusadingeka ukuze intsha ikwazi ukuzimela. Asihalalisele intsha yesiFundazwe sethu ngalokhu esikuzuzile bese siyilekelela ukuthi izuzwe ngaphezudlwana.

Njengamanje sinabaholi abanigi abavela kuyo intsha, ngabe kuHulumeni omkhulu, isiFundazwe nakoMasipala.

Lokhu kukhombisa ukuthi iningizimu Afrika isizimisele

ukuthi intsha iphindie ihole umzabalazo njengoba yawuhola ngezikathu zobandlululo.

Njengamanje sekuyisikhathi lapho kulindeleke ukuthi intsha ivuke izibambe ziqine ngoba ikusasa IalesisiFundazwe lilele ezandleni zayo.

"Njengoba izwe selikhululekile ile kulula kubantu ukucabanga ukuthi yonke into yayilula"



# IMINYAKA EYI-16 YEMPUMELELO KOMASIPALA WEZINDAWO

Njengoba ngimi lapha phambi kwenu, ngiyaziqhenya ngokuba ngowaseNingizimu Afrika kwazise alikho elinye izwe emhlabeni eselibe nempumelelo njengathi

## SIBONGILE DLANGALALA

**E**minyakeni eyishumi nesithupha edlule kwasungulwa ohulumeni bendawo kanti manje sigubha impumelelo yabo evelele. UNgqongqoshe Wezokuhlalisa Kwabantu kanye Nemisebenzi Yomphakathi, uMnu Ravi Pillay ubi yingxene yomgubho wempumelelo emkhakheni wohulumeni bezindawo kuMasipala Wendawo uBuhlebezwe ongaphansi kukaMasipala wesiFunda i-Harry Gwala.

Ukwedlulisela kwesihlonti sokubungaza inkululeko ebuholini bukaMasipala wesiFunda i-Harry Gwala kube uphawu olulukhombisa impumelelo kanye nokusebenza ngokuncomekayo kakahulumeni wentando yabantu. Isihlonti sokubungaza siluphawu Iwezinto ezimbili: Imigubho yeminyaka eyi-16 emva kweminyaka eminingi yobumnyama nengcindeloz kahulumeni wobandlululo kanye nombuso wobukoloni kanye nokuba yithembwa lokuthi isikhathi esizayo sizoletha uguquku olungakaze lubonakale empilweni yabantu kanye nokuthi

amagugungqangi ombuso wentando yabantu aqhakanjiswa yilo hulumeni ayohlala eqinile ngisho nasemyakeni ezayo.

Le migubho iphinde yatshala umoya wobunikazi bemisebenzi elethwa uhulumeni kubantu kanye nokuqinisekisa ithemba nokuzethembwa kubantu abasalindele izidingo kuhulumeni.

UNgqongqoshe uWeziwe Thusi kanye noNgqongqoshe u-Ravi Pillay behola umviliyelo edolobheni laseXobho.

Lo mcimbi ugale ngohambo kanye nomviliyelo webanga lama-2km obuholwa ngoNgqongqoshe u-Ravi Pillay kanye noWeziwe Thusi. UNgqongqoshe Thusi udlulisele isihlonti ayesithathe endaweni ahola kuyo izinhlelo zikahulumeni, okunguMasipala wesiFunda uGu.

Bekuchwaza emigwaqeni yedolobha laseXobho abantu bezoba yingxene yomgubho obusehholo i-Peace Initiative Hall. Ethula inkulomo yakhe yokwedlulisela isihlonti umhlonishwa uThusi uthe

"Njengoba ngedlulisela lesi sihlonti ngifisa ukugcizelela ukabaluleka kokuthi lesi sihlonti

sesibe luphawu Iwethemba futhi sesilethe ukukhanya emsebenzini wokunikezela ngezidingo emphakathini emva kweminyaka eminingi yobumnyama nengcindeloz kahulumeni wobandlululo, asisigcine lesi sihlonti sivutha nasemyakeni eminingi ezayo" egcizelela.

Enkulumeni yakhe yosuku uNgqongqoshe u-Pillay uwakalise ukuthakasa kwakhe ngokwamukela isihlonti kanye nokuziqhenya okukhulu ngendlela izwe eselidlondlobale ngayo kusukela kwethulwa umbuso wentando yabantu.

"Njengoba ngimi lapha phambi kwenu, ngiyaziqhenya ngokuba ngowaseNingizimu Afrika kwazise alikho elinye izwe emhlabeni eselibe nempumelelo njengathi njengoba sesifinyelele eminyakeni yokuqala engamashumi amabili yombuso wentando yabantu kanye neminyaka yokuqala eyishumi nesithupha kwethulwa ohulumeni bezindawo, le minyaka engamashumi amabili yombuso wentando yabantu ibuyisele isithunzi kubantu bakithi" esho.

Uphinde wahlabo imibhikisho enodlame eKokstad.



## Mgungundlovu baseMasipala ko sijikeleze senkululeko Isihlonti

### SIBONELO MSOMI

Bebengawuvali umlomo abantu komasipala abakhele isiFunda uMgungundlovu begubha kimiNyaka eyi 16 yeNkululeko kuHulumeni waseKhaya ngesonto eledlule.

Bebesho kucace ukuthi uhuhulumeni wenza ngcono izimpilo zabo ngokuhlinzeka izidingongqangi.

"Kuguduza onompilo emakhaya ethu bethatha imininingwane yabantu abahlala emawadini babheka nokuthi yini izidingo zethu. Abadinga ukuthola usizo lukahulumeni olusheshayo bayasizakala kanti sakhelwa nengqalasizinda esasingayitholi ngesikhathi sikahulumeni wobandlululo. Impilo isishintshile," kusho uNkk. Thembekile Zuma waseMpindle.

"Lolu hlelo lusize imindenji eminingi lapha kuMasipala uMkhambathini kanye nakwabanye omasipala. Nakuba sisaphila, kungenxa yalolu hlelo. Bekulalwa kungadliwe emindenini kule ndawo ngaphambili kokuthi kuqale lolu hlelo. Kuthe uma luqala kwaqashwa amalunga aleyo

minden eswele ukuze kuliwe nendlala nobuphofu. Manje sesiyakwazi ukubhekana nezidindo zemindenji yethu sikhulise nezingane zethu.

Siyawubona umsebenzi omuhle owenziwa nguhulumeni," kuchaza le ntokazi endala. Isihlonti sikhanyiswe nguNgqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal, ophinde aphathiswe isiFunda uMgungundlovu, uNkk. Belinda Scott wabe esesidlulisela kuMeya yesiFunda uMgungundlovu, uKhansela Yussuf Bhamjee. UNgg. Scott uthe lesi sihlonti siwuphawu lokuhlinzeka kwempilo engcono nguhulumeni kubantu abebencishiwe amathuba entuthuko nguhulumeni wengcindeloz.

"Njengoba sesinohulumeni okhethwe ngabantu sesibona wakha imizi, ehlizenza amanzi ahlanzekileyo nogesi, evula amathuba emisebenzi, akha imigwaqo nengqalasizinda, ukuze kubuye isithunzi sabantu bakithi. Kuningi uhulumeni asazokwenza ukuze siqinisekise ukuthi intuthuko ifinyelela kubo bonke abantu,"

kuchaza uNgq. Scott. Uqhubhe wathi uhulumeni ubengathanda ukufinyelela kubo bonke abantu ngokushesha kodwa isivinini sokuuhlinzeka izidingo sizolawulwa ukuba khona kwemali yokuhlinzeka izidingo komasipala.

UMeya Bhamjee ube esegijima nesihlonti kubo bonke oMasipala kugujwa imisebenzi emihle eyenziwe nguhulumeni kulesi sifunda.

Ukwakhiwa kwemigwaqo, amahholo, izinkulisa, izinqolobane zamanzi, izindlu, izivande, izinkundla zezemidlalo kanye nokuvuleka kwamathuba emisebenzi kungezinye zezinto eziqhakanjiswe ngesikhathi isihlonti senkululeko siguduza komasipala abayisikhombisa abakhele lesi sifunda. "Sya komasipala bethu siyokhombisa ngemisebenzi emihle eyenziwe nguhulumeni wabantu.

Sikhombisa ukuthi yini esesiyenzile singomasipala ukuthuthukisa izimpilo zabantu. Intuthuko siyibona ngamehlo futhi siyithinta ngezandla. Abantu bazisholo bona ukuthi

kunomehluko obonakalayo ezimpilweni zabo njengoba lo hulumeni ukwzile ukuhlangabezana nezidindo zabo.

Acupheleli lapha. Siyaqhuba. Kuningi okusafanele sikwenze ukuthuthukisa izimpilo zabantu bakithi," kuchaza uMeya Bhamjee ngesikhathi isihlonti sethulwa kuMasipala iMpofana.

Sikhanyiswe lapho kuvulwa khona umgwaqo, sadlulela epaki lomphakathi elinemishini yokuzivocavoca, saze saya kofika enkundleni yezemidlalo. Sibe sesidlula saya kuMasipala uMngeni lapho kuvulwe khona ngokusemthethweni umgwaqo, saze kokhanyisa esikhungweni sezokuvakasha okuyimisebenzi lo masipala azigqajayo ngayo.

KuMasipala uMsunduzi sikhanise inkundla esakhwa yezemidlalo encikene neHarry Gwala Stadium, sadlulela kwibhulohlo lezinyawo elixhumanisa indawo yakwaMachibisa neyaseMbali, kanye neHholo elikhulu eCaluza. Sisuke lapha saya kuMasipala uMshwathi saya ehhola

lukuqeleshela amakhono amalunga omphakathi kanye nasenkundleni yezemidlalo ngaphambili kokuthi lidlulele kuMasipala waseMpindle.

Liguduze emisebenzini yomphakathi okubalwa kuyo ukuhlinzeka kogesi, nemigwaqo ladlulela kuMasipala iRichmond lapho liye khona emisebenzini yokwakhiwa kwemigwaqo, ipaki lomphakathi elinemishini yokuzivocavoca kanye nalapho kwakhiwe khona indlela yokuhamba abantu eceleni komgwqaqo ukuze bangalinyazwa yizimoto.

Isihlonti sibe sesidlulela kuMasipala uMkhambathini lapho siye ezinkundleni zemidlalo, ehhola lomphakathi kanye nasenkulisa ngaphambili kokuthi uMeya wakhona, uKhansela Thobekile Maphumulo, alidlulele kuMeya Bhamjee naye olibusile kuNgqongqoshe Scott obe eselidlulisela kuNdunankulu Willies Mchunu ophathiswe isiFunda uThukela.

## "Sihlale sikhuluma

kwaloko okulindelekile' kodwa ngezinye izikhathi 'imisebenzi esiyenzayo emahhovisi' yiyona esigxila kuyona, kanti ngezinye izikhathi kumele sibuke ngale kwayo sizibandakanye nemiphakathi esiyisebenzelayo nesiphila kuyona".



# IZIYALO EZISHUBILE EZIBHEKISWE KWABABANGA UMHLABA OBUYISELWE EMIPHAKATHINI

## SIMPHIWE NDWANDWE

**U**bulule nezinkulumo ezakhayo nezishubile umcimbi ngesikhathi kunikezelwa ngokusemthethweni kwetayitela lobunkazi bomhlaba ongamahektha angu 8000 enhlanganweni womphakathi waKwaNgcolosi eKranskop ngempelasonto edlule.

IKwaNgcolosi Community Trust isingazishaya isifuba emva komshikashika omude ogcine ngobunikazi balo mhlaba emva kokuthola ngokusemthethweni itayitela lomhlaba. elibaza bona kulo lomhlaba ongudedangendlela. "Sekuyinsakavukela umchilo wesidwaba ukuthi uma kukhiswe izimali ezishisiwe abantu baxabane bebenga imali.

Kubhoka kakhulu umona kubantu kuze kufadalale umsebenzi ongabe ubakhela ikusasa eliqhakazile Umcimbi ubuhanjelwe yinkosi yesizwe samaNgcolosi uNkosikhona Bhengu, uNgqongqoshe womNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Cyril Xaba, yiMeya yaseMvoti uMnuz Thami Ngubane, yiSikhulu esiPhezelu seKhomishana yezokuBuyiswa kweMihlabu kuZwelonke, uNkk Nomfundo Ntloko Gobodo,

amakhosi abeyizimenya neziphathimandla zamazinga ehlukene nezicukuthwane. UMhlonishwa uXaba uthethokoziswe kakhulu ukuthi umhlaba obuyiselwe kabantu usebenza ngokusezingeni eliphezulu impela.

Kuqashwe abantu abalinganiselwa ku-550. Ngiyamangala ukuthi sebekhokhe isikweletu sikaR10 million basiqeda baze baholela ngisho abanikazi bamashaya imali ebhekile.

Kumnandi ukuba sempakathini ojabulayo ngoba uyaggugquzeleka, akufani nokuba sendaweni oyolamula kuyo abantu abalwayo bebanga wona kanye umhlaba osubabuye." kusho uXaba. Uqinisekise iKwaNgcolosi Trust ukuthi uHulumeni uyaziqhenya kakhulu ngayo, futhi iyisibonelo esihle sesidiso sokubuyiselwa komhlaba kabantu.

Angu 12 amapulazi adidiyelwe okusebenzela kuwo le Trust. Athengwa uHulumeni ngemali elinganiselwa ku R140 million.

OkaNonkosi uthe njengalokhu kusanda kusungulwa i-Graduate Portal, okuyisizinda esiku-website yomNyango sokulondoloza imininingwane yentsha eneziqizolimo esiFundazweni ukuze itholelwie imisebenzi, isimo Iapho

kunemihlabu engasetshenzisa sizogwemeka.

Kubhekwe ukuba intsha isimamise amapulazi asalala amafusi futhi kuzohlonyuliswe abalimi abazobamba iqhaza kule ngqayizivele yethuba lokwakha kabusha ezolimo endlini emnyama kulesisiFundazwe.

Amazi kaNonkosi enanelwe nguNkk Ntloko Gobodo othe uyababazeka umsebenzi owenziwa ngabantu baKwaNgcolosi futhi kumele zonke izizwe ezithola umhlaba zenze njengoba benza.

U-Advocate Mbili, ohola iKhomishana esiFundazweni, uthethokoziswe kakhulu ukuzimisela okunjena kubanikazi bomhlaba waKwaNgcolosi.

Uthe basebenze ngokukhulu ukuzimisela selokhu banikezwalo mhlaba. Uvumile naye ukuthi kuletha ithembu ukubona izinhlangano ezisebenza kanjena ezweni futhi ikusasa liyaqhakaza uma abantu abaphethe ama-Trust bebambisene, behloniphana futhi belandela imigomo yokuphatha amabhizini ephusile.

Isihlava esihlaselama-Trust athole usizo kuHulumeni wubugovu. Kuba khona abantu abanangi abafuna ukulawula izimali ngezikhwepha



Intokozi ibibhalwe ebusweni emalangeneni eKwaNgcolosi Community Trust ekanyenoNqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uCyril Xaba nezinye izikhulu zohlelo lokubuyiselwa kweMihlabu esiFundazweni ngesikhathi klinikwezwela kwetayitela ngokusemthethweni kulomphakathi wakwa Ngcolosi eKranskop.

bese ipulazi liwa bhu.

Umhlaba osezandleni zabeNgcolosi Trust ulinganiselwa kumahektha angu-8000 futhi wehlukaniswe iziqephu eziningi lapho kutshalwa imikhiziso eyehlukene njengomoba nommbila kanye nezihlahla zezithelo.

UMBili uthe iKwaNgcolosi Trust ibuyisele amathe kwasifuba kulabo abakholwa ukuthi ukusiza abantu ukuthi babuyelwe umhlaba yiphutha ngoba abakwazi

ukuwusebenzisa. "Eqinisweni le-Trust isiyenze umsebenzi omangalisayo.

Sebedlula ngisho abantu okwakuthengwe kubo umhlaba ngendlela asebephumele ngayo emsebenzini wabo. Sikushayela elikhulu ihlombe lokhu," kusho uMbili. Ukufakwa kwezelico zokubuyiselwa umhlaba kuyoze kuvalwe ngoJuni wango-2019.

## Imbokodo ikhuthazwe ukuba ikulungele ukubamba iqhaza elibonakalayo embonini yezolimo

### LONDIWE NGIDI

Baphume ngobuningi babo abesifazane abaqhamuka ezindaweni ezihlukene esiFundazweni ikakhulukazi ngaphansi kwestiFunda uMgungundlovu kanye noMzinyathi, njengoba bekukhona abavela eMsinga, eMdlovana, eNtabamhlophe, Mpemple, uMshwati noMsunduzi.

Laba besifazane bebezokuthazwa ngokuthi baqhubeke ukutshala ukuze babambe iqhaza eliphele emnothweni wezwe nasekuxhosheni ikati eziko emakhaya.

Ezinhlwelweni zomNyango kuanophiko olubhekellele ukuba

abesifazane kanye nentsha bathola amathuba kanye noqeleshlo oluyilo futhi olusezingeni olwamukelekili. Umlando uyakhombisa ukuthi owesifazane uyinsika yekhaya njengoba iminyaka eminingi bekubhekwe yena ukuba emindenini kulalelwie kudihi.

Kepha ngokuhamba kwestiFundi, umNyango ngaphansi kobuholi buka Ngqongqoshe uCyril Xaba ubone kubalulekile ukuthi abesifazane banikwe ithuba elanele baphinde baqeqeshwe ngokubambisana nomNyango kanye nezinhlangano ezizimele ezinombono ohambisanayo nowomNyango ngeqhaza

Iabesifazane kwezolimo Ekhuluma kulumcimbi, uNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya uMnumzane Xaba uthethokoziswe kakhulu ukuzimisela okunjena kubanikazi bomhlaba waKwaNgcolosi. "UmNyango unegunya elakhelwe phezu kohlelo Iwentuthuko IukaZwelonke ukuba ukhulise, ngapezu kokuqinisekisa ukubokhona kokukudla uphinde usebenzele phezu kwezinhlelo ezizokwenza kutholakale amathuba emisebenzi kulemboni okuzoba nomthelela ekuthuthukisweni komnotho wasemakhaya" kuchaza uNgqongqoshe uXaba.

Ukufinyelela kuloluhlelo oluhabisana nemigomo

kaZwelonke uNonkosi, ugcizelele ekutheni umNyango ususebenzela ohlelweni olusha oluqinisekisa ukuthi ezolimo kusukela emazingeni asemakhaya kuyakwabazimele kanye nalabo abasebenza ngokuhlanganyela njengemifelandawonye kuyafundiswa ngokusebenzisana kanye nokuqeqeshela ukulungela izimaketho.

Uphinde washayela izandla izinhlangano ezifana neThemba Njilo Foundation ezizimisele ngokusebenzisana nabalimi ukubakhulisa endimeni yezolimo.

Uhlelo olusha IomNyango olubizwa nge Agrarian Reform Iuyababhekelo nalo abesifazane

ukuthi bayasizakala ngoqeleshlo kanye nezimali zokwenza umsebenzi.

UNonkosi uxwayise imbokodo ukuba izibambe ziqine iphinde izicije ngamakhona, umNyango ukhona ukubasiza.

Indikimba yalomhlangano bekuwukuhanyisela abasifazane ngamathuba atholakala kwezolimo nokuthi sesiphelile isikhathi sokutshalelela ukudla kuphela, kepha sekumele kusetshenzelwe ekutheni kutholakale inzuzu ngokuzikhandla kwembokodo iqhuba lomshikashika emasimini.



agriculture & rural development  
Department: Agriculture and Rural Development  
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



### UMNUZ CYRIL XABA

UNGQONGQOSHE: WOMNYANGO WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU-NATALI

NGOKUBAMBISANA SESENZE KWAZULU-NATALI YABA ESIFUNDAWE ESENQINDO UKUPHLA KUSO

## BUYISELA UMHLABA WAKHO ESIMWENI SOKUKHIQIZA

Abahwebi bezolimo, amapulazi amancane noma amakhulu kanye nalabo abawazuza ngohlelo lokubuyiswa komhlaba bayamenya ukuba babhalise imininingwane yabo kwi Agricultural Graduates Placement Programme etholakala ngokuthinti inkobhelo ebhanyazayo ye 'Unemployed Graduates Portal' ku [www.kzndard.gov.za](http://www.kzndard.gov.za) noma uvakashele ihhovisi lezoLimo eliseduze nawe ukuez ugcwalise amaformu.

SIBUYISELA UMHLABA WOKULIMA ESIMWENI SOKUKHIQIZA



# UKUPHEPHA KWABANTWANA KUSEZANDLENI ZETHU

“Ukugoma abantwana kubaluleke kakhulu ngoba sibafaka izinhlungu ezibenze baqine, bangabhuqabhuqwa yizifo.

**U**Ngqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natali, uDkt Sibongiseni Dhlomo, unxuse umphakathi ukuba uqinisekise ukuthi bonke abantwana bayavikelwa, ukuze bakhule kahle babe yizakhampi eziqotho zakusasa. “Kuwumsebenzi wethu ukuvikela abantwana bethu kusukela bezelwe, nakuzona zonke izigaba zempilo,” kusho uDkt Dhlomo. Lomyalezo ufika ngesikhathi iNingizimu Afrika ibibungaza i-Child Protection Week, okuyisonto lokuqhakambisa ukuqikelelwu kokuphepha kwabantwana. Injongo ye-National Child Protection Week ukuqwashisa ngamalungelo abantwana njengokusho komthetho i-Children’s Act ka 2005. ENingizimu Afrika, ukuqikelelwu kokuphepha kwabantwana kugunyazwe nguMthethosisekelo wezwe, onomqulu ochaza kabanzi ngamalungelo abo. Isigaba 28 samaLungelo aBantu sithi wonke umntwana unelungelo lokondliwa, ukuba nendawo yokuhlala, ukunakekelwa ngokwezeMpilo nokuthola usizo lwezeNhlaLakahle. Lokhu kubandakanya ukuiqinisekisa ukuthi abantwana

baphathwa kahle, bayanakwa, abahlukunyeza, futhi ababukelwa phansi. Isiqubulo salonyaka sithi, “Asithuthukise iNingizimu Afrika ngokuthi sivikele izingane.”

UMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal unezinhlelo eziningi zokuhlinzeka abantwana ngosizo ukuze bahlale bephilile futhi bekhula kahle. UMnyango unezikhungo zika-Phila Mntwana ezingu 552 ezisiza ukuqapha nokugqquzelwa ukukhula kwabantwana kwanyanga zonke, izimfundiso ekumele zenziwe ukunqanda isifo sohudo, ukugqquzelwa uhlelo lokunceliswa kwabantwana ubisi lwebele, nokugonywa kwabo ngokwemigomo ebekiwe.

“Ukugoma abantwana kubaluleke kakhulu ngoba sibafaka izinhlungu ezibenze baqine, bangabhuqabhuqwa yizifo. Ngakho-ke, kubalulekile ukuthi abantwana bagonywe.

Uma umntwana engagonyiwe, noma ngabe lilahlekile ikhadi, muweise emtholampilo. Uzofike uthole usizo,” kusho uDkt Dhlomo.

UMnyango uphinde ube nohlelo Iwama-School Health Team, Iapho amathimba abasebenzi bezempilo ehambela ezikoleni ukuyobheka ukuthi abantwana baphila kahle



yini, futhi badinga luphi usizo. Bacishe babe ngu-202 abantu abasiza umphakathi ngezidindo zezempiro ezaahlukene, okufaka kubona odokotela bamazinyo, nabasiza abanenkinga yokuhulumu kanye nababheka okunye, asebefakwe ezikhungwini zezeMpilo ukuze belapheke. Sekusizwe izingane zesikole ezingu 135 148 ngaphansi kohlelo

lokuxujwa nokunakekelwa kwamazinyo, i-School Based Preventative Oral Health.

Konke lokhu kusiza abantwana ukuthi bakwazi ukugxila emsebenzini wesikole ngaphandle kokuphazanyisa yizifo.

UMnyango uzozhubeka nokubeka abantwana eqhulwini njengoba kwakhiwa isibhedlela sabantwana, i-KZN Children’s

Hospital, esizophela ngonyaka ka-2018. Umphakathi uyanxuswa ukuba usebenzisane naleminyango elandelayo, ukubika izigameko zokuhlukunyeza kwabantwana:

**SOCIAL DEVELOPMENT:**

0800 60 10 11

**CHILDLINE SA:** 0800 05 55 55

**POLICE EMERGENCY LINE:**

10 111

## Umphathiswa unkonyeni uvule iskole sikanokusho oThungulu

### NOMPUMELELO GASA

UMnyango wezeMfundu KwaZulu-Natal usalokhu uqhubuke njalo nokwakha izikole ezisezingeni eliphezulu. Lokhu kugqame ngesikhathi umPhathiswa wezeMfundu KwaZulu-Natal, uNeliswa Peggy Nkonyeni, evula ngokusemthethweni iMgezeni High School ngaphansi kwesiFunda uThungulu. Lomcimbi wokwakha ngokusemthethweni iMgezeni High School udle uMnyango imali engango 100 million ulandela ukuzibophezela koMnyango ukwakha iSiphumelele Secondary School yona ezodla uMnyango imali engango 103 million khona oThungulu. IMgezeni High School ingesinye sezikole uMnyango oziqhenya kakhulu ngaso ngenxa yezinga esakhwiwe ngalo. Inhlosi enkulu yoMnyango ngokwakha izikole ezidla kangaka ephaketheni, ukuthuthukisa futhi uphucule izinga lemfundo KwaZulu-Natal kanye

nokunqanda abantwana basemaphandleni abagcina befudukele emadolobheni ngenxa yemfundo engcono etholakala emadolobheni. UMnyango wezeMfundu ukhombisa ngokusobala ukuthi ubakhathalele futhi uzibophezela ekunakekeleni abantwana baKwaZulu-Natal ikakhulukazi labo abasezindaweni ezesemaphandleni. UNkonyeni ukubeke kwacaca ukuthi lokhu okwenzeka oThungulu kusazokwenzeka kuzona zonke iziFunda zakwaZulu Natal ngoba bewu Hulumeni balikhathalele ikusasa labantwana. “UMnyango uzibophezela kakhulu ukwakha izikole ezifana nalezi ezesemadolobheni ezenza abantwana bethu bafudukele emadolobheni ngenhlosi yokuthola imfundu eseizingeni eliphezulu. Kusithinte kakhulu ukufuduka kwabantwana

bebancane beyofunda emadolobheni ingakho sithathe igxathu lokuzibophezela ukwakha izikole ezinazo zonke izinsiza kufunda okubalwa ama Library, Science Labs, Computer Labs kanye nokunye okuningi okwenza kubelula ukufunda kwabantwana bethu.” Eghubeka nenkulomo yakhe uMphathiswa ukubeke kwacaca ukuthi bazosibheka ngehlo lokhozi lesisikole ukuthi siphethwe ngendlela yini, ekhuluma nabafundi oka Nkonyeni uthe, “Bantwana bami ngifuna niziqhenye ngesikole senu esisha lokhu nizokwenza ngokuthi nifunde ngokuzikhandla nibonise ukuthi niyasithakasela lesi sikole, siwuMnyango silindele ukuthi uMgezeni ungaphinde uthole imiphumela kamatiKuletsheni engaphansi ka 100%.” Ekhuluma nabafundi kanye nomphakathi owakhele iMgezeni uMphathiswa

ubuye wagqquzelwa bonke abafundi ngokubaluleka kokuzimisela ezifundweni zabo unyaka usaqala bangaze bashiwe isikhathi baxakeke sebebamba beyeka ngoba sekufike isikhathi sezivivino zabo. “Bantwana bami kanye nabazali uMnyango umatasatasa kakhulu kulo nyaka ka 2016 emizamweni yokuphucula imiphumele kaMatikuletsheni kulesi siFundazwe, senza konke okusemandleni ukuthi imiphumela yakulonyaka ikhuphuke futhi kubo ngephucuzekile ezokwazi ukungenisa abantwana bethu emanyuvesi. UMnyango uqhamuke nohlelo lokuguqula izinto ngenhlosi yokulungisa isimo semiphumela olubizwa nge Turnaround Strategy okuwuhlelo lokungenelela ezikoleni silekelele futhi silolonge abafundi ngendlela. Ingakho sithe uma sibhekisia siwuMnyango sabona kufanele

ukuthi sibhukule kakhulu ekwakheni izikole zaloluhlobo ezinazo zonke izinsiza kufunda, kuphetha okaNkonyeni.” Lomcimbi ubuhanjelwe isekela laNgqongqoshe weZokuthutha, u Sindisiwe Chikunga ovule ngokusemthethweni isixhaxha sama Computer Laboratories wanika isikole ama Computer angu 74 namabhayisekile angu 300.

“Umuntu ongathi akaboni izinto eziningi ezinhle ezenziwe yilohulumeni ngabe akafuni nje ukubona,” kusho Unkk Chikunga echaza ngezinto eziningi uhulumeni wentando yeningi osuzenzele abantu kusukela ngo 1994. Isikele Ngqongqoshe liphinde lathembisa ukubuya futhi kulesikole ngolunye futhi uxhaso.

# I DO RIGHT

EVEN WHEN NOBODY IS WATCHING

ANTI-CORRUPTION HOTLINE - **0800 596 596**



KWAZULU-NATAL IS GROWING, DEVELOPING AND CARING!



MR WILLIES MCHUNU  
KWAZULU-NATAL PREMIER



UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natali uDkt Sibongiseni Dhlomo ekhuluma emhlanganweni wohlelo lokuqequesha kodokotela baseCuba.

## LUYANCOMEKA UHLELO LODOKOTELA LWASE-CUBA

**“Sibonga asiphezi ezweni lase-Cuba ngalolu hlelo ngoba selulethe omkhulu umehluko ekuhlengweni kwabantu. Kuningi okuhle okwensiwa yilesi sifunda saseMzinyathi nezinye izifunda ezingafunda kuso.”**

L ushayelwe ihlombe uhlelo IoMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal lokuqequesha kodokotela e-Cuba ngenxa yokugxila kwalo emphakathini uma kuhlinzekwa abantu ngezinsiza zezempielo. Ukuqequesha kodokotela ngaphansi kwe-Primary Health Care e-Cuba kwenza kube Iula ukuthi uma sebegogodile basebenze emitholampilo, bangene emiphakathi baxhumane nabantu - futhi abantu bangahambi amabanga amade ukuze

bathole usizo. Emhlanganweni wongqondongqondo kwezempielo, i-RSA/Cuban Medical Training Programme symposium, obubanjelwe eThekwini, kuvele ukuthi isifunda saseMzinyathi sihamba phambili ekuqhakanjisweni kwalendlela yokusebenza. INingizimu Afrika ivale isemshikashikeni wokuguqula i-Primary Health Care isuke ekugxileni ekwelashweni kwezifo, iye ekugwenyweni kwazo. UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal, uDkt Sibongiseni

Dhlomo uthe uma amazwe omhlaba ehlola ukuphumelela kwavo kwezempielo awaqhakambisi inani labantu abalashiwe noma abanqanyulwe imilenze, kodwa kugxilwa enanini labantu abasizwe ngokuthi bagweme izifo. Utethe uyaziqhenya ngamagalelo alethwe wodokotela abaqequeshe eCuba, kakhulukazi esifundeni saseMzinyathi. “Sibonga asiphezi ezweni lase-Cuba ngalolu hlelo ngoba selulethe omkhulu umehluko ekuhlengweni kwabantu. Kuningi okuhle okwensiwa yilesi

sifunda saseMzinyathi nezinye izifunda ezingafunda kuso.” UDkt Dhlomo uphinde wanxusa odokotela abaqequeshe eCuba ukuba bahlomise nabanye ngolwazi Iwabo olunzulu. Unxuse ukuba kwenzeke lokhu: Ukukhethwa kodokotela abaqequeshe ngokwase-Cuba abazokwenza izifundo zeziq ezipakeme neze-PHD; Odokotela base-Cuba kumele bakhethetodokotela abazoqequesha njengodokotela ngaphansi kohlelo lamassha (Military Doctors);

Kwakhiwe ibutho lodokotela abawuqonda kahle umsebenzi we-Primary Health Care ukuze kunqotshwe impi lokusabalala kwezifo. UDkt Dhlomo uthe i-KwaZulu-Natal ilwela ukuthola isikole sesibili sokuqequesha odokotela. Unxuse bonke odokotela abaqequeshe ngaphansi kohlelo Iwase-Cuba baveze ubuholi babo, bafake nesandla ekubunjweni kokuqequesha kwabantu kwezempielo.



UNGOONGQOSHE WEZEMPILO  
uDkt. Sibongiseni Dhlomo

## PHANSI NGAMA-BLESSER, PHANSI!!!

Sijabule kakhulu ngesimemezelo sika Ngqongqoshe wezeMpilo kuzwelonek uDkt Aaron Motsoaledi ukuthi umkhankaso wokulwa no-Sugar Daddy usuzokuba ngokazwelonek.

Lo mkhankaso uzogxila kwabesifazane abaneminyaka esuka ku-15-24, ekanti uzobe uqwashisa ngobungozi bokuzibandakanya no-Sugar Daddy – ababuye babizwe ngama-“blessing” – nokuholela ekubebhetheleni kwezifo ezithathelana ngokocansi.

Lo mkhankaso uzoqwashisa ngobungozi bokuhulelwokungahlelele; nokuhukumezeka ngokocansi nangobulili kwabesifazane. Lokhu kuzolisa kakhulu izwe lakithi.

Ukuzibandakanya nomuntu omdala akugcini nje ngokwhlisa isithunzi somuntu wesifazane, kodwa kwandisa amathuba okudlulisa isifo sesandulela-nculazi (HIV) ngenxa yokwenza ucansi olungaphephile nabantu abangomakad’ebona; nokuhulelwokungahlelele.

Ongoti sebesitshelile ukuthi abasifazane abasebancane, nabangamile kahle kwezomnotho, ababi nawo amandla okuzikhulumela, ukuqinisekisa ukwenza ucansi oluphephile nobaba abadala. Lokhu kuba nomthelela omubi empilweni yomuntu wesifazane.

Esigidini sezingane ezizalwayo njalo ngonyaka kuleli, u8% nokuyizingane eziwu 80 000, zizalwa amantombazane aneminyaka engaphansi kuka-18, angakakulungeli ukuba abazali.

Uma ukhulelwusemncane awukwazi ukuhubeka kahle nesikole, futhi makhulu amathuba okuthi udlule emhlabeni ngenxa yezifo ezipatheleni nokuhulelwokungahlelele.

Sesithule umkhankaso owaziwa ngokuthi i-Dual Protection.

Sinesiqubulo esithi:  
**“MY RESPONSIBILITY, MY FUTURE,  
OUR FUTURE - I CHOOSE DUAL PROTECTION.”**

Lesi siqubulo sibhekiswe kwabesimame abasebancane ukuthi baqikelele ukuthi bahlela umndeni ngomjovo, amaphilisi noma i-Implanon, futhi kusetshenziswe ijazi lomkhwenyana njalo uma kuyiwa ocansini. Sithi abesilisa abasoke baphinde basebenzise ijazi lomkhwenyana ngaso sonke isikhathi ngoba lokhu kuvikela ekutheni uthole umtwana singekho sidingo, noma ungahlelele, kanye nasezifweni ezithelenana ngokocansi.

Njengosihlalo we-KZN Men’s Forum, ngifisa ukungqongqoza konembeza bamadoda ewonkana ukuthi awayeke lento yokuba amablesser no-sugar daddy ngoba ibulala isizwe. Asingayenzi into esingeke sithande yenzwi kubantwana bethu.

**Asibuye isimilo.  
Asibhukule, sikhulume nezingane zethu ngamaqiniso nobungozi bokwenza ucansi olungavikelekile.**

Asingasamukeli isihlava sobaba abadala abathandana nezingane ezincane, njengoba befiphalisa ikusasa lazo.

Sinxusa wonke amadoda ukuba asukume alwisane nalesi sihlava athi, “Egameni lami ngeke ngivume intombazane encane ihlukumezeke, noma ngisebenzise ukweswela kwayo ukufeza izinhlosi zami.”

**Phansi ngama-Blessing, Phansi!!!**

**Phansi Ngo-Sugar Daddy Phansi!!!**

# UNGQONGQOSHE UBONGA ABAPHONSE ITSHE ESIVIVANENI

■ Abantu bendawo badlula kulezi zixhobo zamatshe baphonse itshe esivivaneni bakhombise ukuhlonipha bese bethi “**sawubona wesivivane**”

## STHEMBISO SHANGASE

**U**Mnyango Wezobuciko Namasiko utuse iqhaza elibanjwe ngumasipala waseMzumbe, ogwini oluseningizimu yeKwaZulu-Natali ekuhlonipheni amasiko Ingokugubha isikhumbuzo sesivivane seSilo sakwaDukuza, uShaka kaSenzangakhona.

Lesi sikhumbuzo sesivivane seNkosi uShaka besibanjwe kwaDingimbiza lapho iSilo saKwaDukuza safika sagoba khona amadlangala sikanye namabutho aso neviyo lezintombi elalibizwa ngeziNkinsimane ohambweni olwaluphikelele eMampondweni ngonyaka we-1828.

Phakathi kwabebezimazise lo mcimbi bekungabantwana baseNdulkulu kaZulu, uMntwana uMbonisi kanye nezinyane leSilo uMntwana uNhlanganiso.

UMntwana uMbonisi uhambe phezu kwamazwi oMnyango wabonga umasipala wendawo ngegalelo lawo ekuphonseni itshe esivivaneni.

UNggongqoshe Wezobuciko Namasiko uNkk Ntombikayise Sibhidla-Saphetha uthi amasiko nomlindo kuyingxene elekelela kakhulu ekuhlanganiseni isizwe ikakhulukazi njengalokhu sigubha inyanga yokuzigqaja ngobu-Afrika.

“Umgubho wesikhumbuzo sesivivane seNkosi uShaka kaSenzangakhona uyingxene yokuvuselela kobuntu bethu njengoba sonke sazi ukuthi ngenxa yesixhobo zamatshe abizwa ngesivivane, sekwaze kwaba khona nesisho esithi uma welekelela lapho kusetshenzwa khona, uphonsa itshe esivivaneni”, kusho uSibhidla-Saphetha.

UNggongqoshe uSibhidla-Saphetha uthi lokhu kufakazelwa nayisinyathelo seSilo Samabandla uZwelihini kaBhekuzulu osesungule uMkhosi weSivivane KwaKhangelamankengane kwaNongoma enyakatho yeKwaZulu-Natali lapho omama behlangana khona bezoxoxa ngezokuqinisa nokwakha imindeni ebumbene engeyona



inhlakanhlaka. Ekhulumna egameni leNdulkulu kaZulu kulo mcimbi uMntwana uMbonisi uthi iSilo sihlela ukugcina sizifile mathupha kulo mcimbi wesikhumbuzo sohambo olwaba ngelokugcina IweLembe.

UMntwana uMbonisi ubuye wanxusa amaciko ukuthi awuqophe phansi lo mcimbi futhi athwebule nezithombe ukuze kuyokhonjiswa uNgangezwe lakhe.

Abantu bendawo badlula kulezi zixhobo zamatshe baphonse itshe esivivaneni bakhombise ukuhlonipha bese bethi “**sawubona wesivivane**”.

UMnyango Wezobuciko Namasiko ubonge nabantu bendawo ngokulekelela nomasipala kuvuselela le ndawo eyigugu emlandweni wabantu bakulesi sifundazwe.

## Izingolobane zokugcina imilando ebhaliwe ziysisekelo sentando yabantu

### NOMONDE MABOEA

Izingolobane Zokugcina Imilando Ebhaliwe zidlala indima ebalulekile ekuqikeleleni ukuthi imiphakathi ithola ulwazi ngomlando wayo.

Lawa ngamazwi ka-Mehluleli Chris Nicholson obethula inkulomo yakhe emcimbini obusingathwe ngezokuqinisa nokwakha imindeni ebumbene engeyona

abadinga ulwazi nokulungiswa komlondo.” Izingolobane Zokugcina Imilando Ebhaliwe zibalulekile ekuhleleni ngokwezigaba imibhalo egcinwe uhulumeni.

Lokhu kwenzeka ngokuthi laba basebenzi bahlonze imilando ebhaliwe okumele ifakwe enqolobaneni futhi bangenelele lapho kumele kusetshenzwe ngezinga elamkelele ekugcinweni kwale mibhalo.

Nakuba kunjalo uNicholson ubalule ukuthi abasebenzi beZinqolobane Zokugcina Imilando Ebhaliwe basabhekene nezingqinamba esingabala kuzo ukuthi ezinye izinhla ziyehluleka ukusebenza ngokubambisana nabo maqondana nokulawulwa kwamarekhodi agciwe kumakhompyutha (electronic

records management), ukungalandelwa kwendlela yokugcina kwemilando ebhaliwe, eezimali ezinganele, ukungaokwa kwezimennenja zezokugcina kwemilando ebhaliwe kanye nezokuthuthukiswa kolwazi kanjalo nokufundiswa kwabantu.

Izisebeni zikahulumeni zibhekelele ukuqikelela ukuthi izimali zikahulumeni zisetshenziswa ngendlela efanele ngokwemithetho kahulumeni.

Uma imilando ebhaliwe igcinwa kahle kusobala ukuthi intando yabantu iyokwenzeka ngokufanele.

“Akusizi ngalutho uma osopolitiki bechitha isikhathi esiningi beqhamuka namasu eezimali uma leyo mali ingenzi lokho ebekelwe khona kepha kudizwa ngayo kwezinye izinto,” kuchaza

uNicholson.

“Le mibhikisho egcwele izwe ionke angeke wayishaya indiva njengalokhu izikhalo ezishiwoyo ziyabonakala nasemibhalweni egciniwe uma igcinwe kahle,” kusho uNicholson. “Lubo abenza inkohlakalo bajwayele ukushiya ubufakazi obusemibhalweni benkohlakalo yabo”.

Enye yezinto azibala njengalezo ezenza izinqolobane zibaluleke ukuthi izinqolobane ziysisekelo sombuso okholela enkululekweni yowlazi, njengoba amalungelo abantu ecekelela phansi uma kuthikamezekwa ukunikezelwa kolwazi olugciniwe emibhalweni ngenxa yemibhalo elahlekayo noma engagciniwe ngendlela.

Ukugcizelela lokhu, uNicholson uphinde wathi uhulumeni wobandlululo waba negalelo

ekuphendukezelweni komlondo ogcinwe ezinqolobaneni zokugcina imilando.

“IKhomishani, i-Truth and Reconciliation Commission (TRC) yaphenyisisa kabanzi ubudlova nezenzo ezimbi zikahulumeni wobandlululo. Ngenkathi yenza lmsebenzi, i-TRC yahlangabezana nengqinamba yokuthi imilando ebhaliwe yabe ishatshalisiwe kanti nabasebenzi bakahulumeni wangaleso sikhathi babengafuni ukubambisana nekhomishani.”

“Izingolobane ziyingkumbulo zesizwe futhi kumele zigcinvwe zinakekelwe ukuze intando yeningi iphumelele.

Ukuvumela ukulahleke kwamagugu ethu njengezwe kuyoholela ekuthini izizukulwane ezizayo zilahlekelwe okuningi” kugoqa uNicholson.

## UMNYANGO WEZOBUCIKO WENYUSE IZINGA KUMBUKISO EWUSHINI

### STHEMBISO SHANGASE

UMnu Jerry Pooe, onguMphathi wesikhungo sezobuciko iWushwini Arts Centre esikwaNgcolosi ngase-Hillcrest enyakatho yeTheku akawuvali umlomo ngegalelo elibanjwe uMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali.

UMnu Pooe uthi lesi sikhungo ngabe asiyilutho ngaphandle kwegalelo loMnyango ngokwezimali nangokunye.

UMnu Pooe ukuveze lokhu ngesikhathi kuqhube ka idili lezobuciko laminyaka yonke i-

Uhuru International Community Arts Festival elidonse izinsuku ezinhlanu. Phakathi kobuciko obebukhonjisa kulo nyaka kubalwa, Umlindi Wesiziba neNdandatho Yenkosi, The Kraal, Umthwalo wami, Imagine Africa Without Boarders kanye ne-Unmute. Kuyona yonke le midlalo bekudlala intsha yakhona endaweni ngaphandle kwe-Unmute yona ebekuwumdanso obuwenziwa ngabaphila nokukhubazeka abaqhamuka

eKapa. Kuye kwakhangisa nangobuciko bezithombe zezinkomo zesintu zohlobo IwamaNguni ezithwetshulwe ummelikana uNks Iris Dawn Parker, kanti uMnu Welcome Danca oyiciko lezemidwebo kapende yena usike ukhasi ngokudweba izithombe zamaNguni ezinkulukazi. UNggongqoshe walo Mnyango, uNkk Ntombikayise Sibhidla-Saphetha, uthi uMnyango wakhe angeke wayeka ukweseka izinhlelo ezifana nalezi ngoba

zithuthukisa ikhono lezobuciko elikhona kulesi sifundazwe.

“Okuhlabo umxhwele kakhulu ngaleli dili lezobuciko i-Uhuru International Community Arts Festival ukuthi seliheha nabaqhamuka kwamanye amazwe ase-Afrika futhi likhuthaza umoya wobunye, ukubambisana nokuzwana phakathi kwethu singaMa-Afrika amahle” kusho uNggongqoshe Sibhidla-Saphetha. Bekuphephezelama afaulegi amazwe ase-Afrika kanti phakathi

kwemidlalo ebeyikhonjisa bekukhona nekhuthaza ukwazi kabanzi ngezwekazi i-Afrika.

Bekudwetswe phansi ibalazwe elinamatsho anamagama amazwe ase- Afrika.

Yize kade liyidliwa kodwa imvula ayizange yavimba ukuthi leli dili lezobuciko lisongwe ngokuthi kusine kudedelane izihlabani zomculo okunguHlengiwe Mhlaba, uDumi Mkokstad, uKhuzani kanye noRene Tshiakanyi.



Nakulonyaka abasaki bengqephu bazobonisa imisiko yabo kwi Dundee July ngenyanga ezayo. Kulesithombe esigciniwe, uNgqongqoshe wezobuCiko, amaSiko, ezeMidlalo nokuNgcebeleka uNkk Ntombikayise Sibhidla-Saphetha (phakathi nendawo) naye wayekhipha unyawo nabakhangisi kwiDundee July yangonyaka odlule. **Isithombe: BHEKI NCUBE.**

## AMALUNGISELO EDUNDEE JULY KA2016 ASEQALILE

### BHEKI NCUBE

Asehambe kakhulu amalungiselelo komjaho wamahhashi waminyaka yonke oba senhla nesifundazwe iDundee July. Umjaho walonyaka uzoba ngoMgqibelo mhlaka 16 Julaiyi endaweni yemijaho ejwayelekile eDundee.

Imibhiyozo ehambisana nomjaho kulindeleke iqale maphakathi nesonto, iqinise ngoLwesihlanu olwandulela umjaho. Abathandi nabasaki bengqephu sebengaqla bazilungiselele. Ngokusho kwabe KZN Fashion Council unyawo okuzoshaywa ngalo kulonyaka

luzohambisana nokugujwa kweminyaka engama khulu amabili kwabunjwa isizwe sikaZulu yiNkosi uShaka, iLembe, lihlanganisa izizwe ezincane ezazehluli.

Lokhu kusho ukuthi imfashini izoba nenhlese yomlando wokugqoka kwasintu. Idumela lalomjaho selfinyelele nangaphandle kwesifundazwe njengoba izifundazwe ezifana ne-Eastern Cape nazo eseziqalise owazo umtelebhelo, kulandela ukuhambela iDundee July kwamathimba akhona

kuhlanganisa nabamele uhulumeni. Ikomidi labagquqquzelu lithi zonke izinhlelo seziyahlangana, okubalwa kuzo ezokuphepha, ezokungebeleka nokunye okuningi. Abazohambela lomjaho bayanxuswa ukuba babambisan nabezokuphepha namaphoyisa, futhi bangaphathi izidakamisa, uphuza oludakayo, izikhali nokunye okungavumelekile.

Abahamba ngezimoto bazohlelelwia indawo yokupaka engaphandle ephephile, ukuvimbela isiminyamina.

Kuyovunyelwa abathengisi ababhalisiwe kuphela ukuthengisa izinto ezithile ikakhulukazi ukudla.

Ukuthengisa utshwala akuvunyelwe kanti buyoshaqwa ngamaphoyisa umuntu athweswe namacala. Abafuna ulwazi ngezimvume zokuthengisa bayanxuswa bathintane noMasipala waseNdumeni.

Abafuna ukufaka amatende ecikukuthwane nabo bayanxuswa ukuthi bathintane noMkhandlu. Uma bezoba neziphuza ezidakayo kumele baqale ukufaka izicelo

zezimvume zalokho kusenesikhathi kwa KZN Liquor Authority.

Izicelo ngeke zisamukelwa uma umjaho sewusondele ngaphansi kwasonto amabili.

Ofuna ukuletha injomane yakhe akaxhumane nezinhlaka zamahhashi esifundeni sakhe noma uMnyango Wezemidlalo

Nokungebeleka: Imininingwane egcwele kwabe bhizini bangabhalela uMnu Sandile Mbonane kule email: Sandile.mbonane@kznrsr.gov.za.

## BAHAMBE BODWA KWEZEMIDLALO ABEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI

Abasebenzi boMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi (DSD) KwaZulu-Natali bangomakhanya kulesiFundazwe kwezemidlalo.

LoMnyango yiwona odle umhlanganiso kwimidlalo kaDlala Msebeni (Work and Play Games), yalonyaka abiseMhlathuze Sports Complex eRichards Bay mhlaka 20-21 May, nebihlanganise iminyango yonke cishe engama-20 kukhona nekazwelonek ezinze

kulesifundazwe. Abadlali boMnyango wezezokuThuthukiswa koMphakathi bafike kulemidlalo kwacaca zisuka nje ukuthi bandokuzimisela okukhulu, banqoba izigaba eziningi.

Bathole amaphuzu angama-22 esewonke. Endaweni yesibili kube wuMnyango weZempilo ngamaphuzi ayi 19, kwallandela uMnyango weZempilo ngamaphuzi ayi 18. Endaweni yesine kwaba uMnyango

wezokuHlunyelaliswa Kwezimilo ngamaphuzi ayi 13, kwase kuba uMnyango weZokubusa Ngokubambisana kanye nezeNdabuko, endaweni yesihlanu ngamaphuzi ayi 12.

Imidlalo ye Work and Play inedumela elikhulu kubasebenzi bakaHlumeni kwisifundazwe saKwaZulu-Natali.

Kuqhudelwane kwezemidlalo eyejwylekile, ehlanganisa ibholo lezinyawo (abesilisa kanye

nabesifazane), ezokugijima, netball, volleyball kanye nemidlalo yendabuko okukhona kuyona umlabalaba, impi yenduku nokudonsisana ngentambo kweziganson. Lenqubo

yezemidlalo ihambisana nezhinlosi zikazwelonek noMnyango weZemidlalo nokuNgcebeleka, emkhankasweni wokuba kwehle isibalo sezifo ezingagwemeka, iphinde futhi iqhakambise ukabaluleka

kokuphila ngendlela yokuzi-voca-voca nokuziphatha kahle kubasebenzi bonkana.

Uhlelo IoMnyango wakwa DSR olwaziwe nge-Healthy Lifestyles luqhakambisa ukuba abantu baphile impilo yokukhuthala nokunakekela imizimba yabo ngokubamba iqhaza kwezemidlalo nokungebeleka lapho besebenza noma behlala khona.

**I"mibhiyozo** ehambisana nomjaho kulindeleke iqale maphakathi nesonto, iqinise ngoLwesihlanu olwandulela umjaho. Abathandi nabasaki bengqephu sebengaqla bazilungiselele."

# ISIFUNDAZWE SAKWA ZULU-NATALI SIBONGELA ABAGIJMI BECOMRADES MARATHON



Anbanobi be Comrades Marathon uDavid Gatebe no Charne Bosman bahalaliselwe yizicukuthwane ebeziholwa uNdunankulu uMnu Willies Mchunu, oNgqongqoshe uNkk Ntombikayise Sibhidla-Saphetha no Dkt Sibongiseni Dlomo kanye no Somlomo woMkhandlu waseThekwini uMnu Logie Naidoo.

**Loluhlelo Iwe-EADP Iusiza abadlali ngobungcweti bososayensi, okokudla okufanele nendlela yokuqequesheka efanele, kanye nodokotela abangochwepheshe ukuze babe sezingeni eliphezulu.**

## NELI MLABA


**U**Mnyango weZemidlalo nokuNgcebeleka uhalalisela abagijimi be Comrades Marathon yalonyaka ebinge. UNdunankulu uMnu Willies Mchunu, uNgqongqoshe Wezobuciko, Amasiko, Ezemidlalo nokuNgcebeleka uNkk Ntombikayise Sibhidla-Saphetha, kanye no Ngqongqoshe wezeMpilo uDkt Sibongiseni Dlomo bebengabanye bezihambeli eziphezulu ezamukele labagijimi lapho beqeda eThekwini besuka eMgungundlovu. Kunqobe uDavid Gatebe, wase North West ophule ne-rekhodi kwabesilisa. Kwabesifazane umhlanganiso

udlive uCharne Bosman. Isifundazwe sakwaZulu Natali siyazigqaja kakhulu ngomqijimi waso obe ngowoqala ukuba aqede umjaho uBongumusa Mthembu ongene endaweni yesithathu. Kwabesifazane base-KZN kunqobe uFikile Mbuthuma yena obe ngowesi-8 kwabesifazane sebebonke. Ngalokhu uMthembu noMbuthuma bathole umklomelo okhishwe wuMnyango Wezemidlalo nokuNgcebeleka wakulesifunda. Loluhlelo Iwe-EADP Iusiza abadlali ngobungcweti bososayensi, okokudla okufanele nendlela yokuqequesheka efanele, kanye nodokotela abangochwepheshe ukuze babe sezingeni eliphezulu. Loluhlelo Iwenzelwe ukuthi kwande abadlali

UBongumusa Mthembu, Siphiwe Ndlela (obe ngowesikhombisa), Fikile Mbuthuma noMncedisi Mkhize ophume indawo yeshumi bayingxene yohlelo oluphezulu lokuthuthukisa abezemidlalo olubizwe nge-Elite Athlete Development Programme (EADP) olwesekwe ngezindodla zemali wuMnyango Wezemidlalo nokuNgcebeleka wakulesifunda.

Loluhlelo Iwe-EADP Iusiza abadlali ngobungcweti bososayensi, okokudla okufanele nendlela yokuqequesheka efanele, kanye nodokotela abangochwepheshe ukuze babe sezingeni eliphezulu. Loluhlelo Iwenzelwe ukuthi kwande abadlali

noweComrade Marathon ukuze ikhuthazeke ukuqhube ka nomdlalo wokugijima, kanjalo nokuphila ngokuzinakekela nokuzivoca-voca. Kuba nesigaba sebanga lika5 km kanye nowebanda lika10km. Umjaho uvulekele entsheni yesifundazwe sonke kanye nalabo abangenela ukuzilolongela iComrades ngakusasa. Nokho labo abatholi miklomelo. Isikole saseMlazi iZwelibanzi High School iphindie yazizuzela isamba sikaR6000 ngokuba nabafundi abanangi abangenale lomjaho, yalandelwa yi Betchet (R4000), iNdongeni (R3000), Ogwini (R2000) kwathi iKhwezi (R1000) laphuma isihlanu.



**21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE**  
DURBAN ICC • 18-22 JULY 2016

**“Strengthening the Fight Against HIV and AIDS Pandemic”**

**ACCESS • EQUITY • RIGHTS NOW**

